# ISAHLUKO sesithathu

## UBUCIKO BOMLOMO – IZINKONDLO

### Isingeniso

Ziningi kakhulu izinhlobo zezinkondlo zomdabu eseziqanjiwe nezikhona, singeke sakwazi ukuzibala nokuzithinta zonke lapha. Singaphawula nje ukuthi lezi zinkondlo zobuciko bomlomo kudala zaqanjwa kangangoba eziningi zazo azisaziwa ukuthi zaqanjwa obani, nini. Esahlukweni esedlule siphawulile ngobunjalo bobuciko bomlomo obeyeme ekuqanjweni nasekudlulisweni kwezinto ngomlomo. Ziyaguquka futhi zikhule ngandlela thize izinto zalo mkhakha.

Emandulo kwakuhaywa izingoma, kukhuzwa izaga, kubongwa wena muntu, amakhosi, izihlabani, izinsizwa, abafana abelusayo ngisho nezilwane imbala. Ubuciko obunobunkondlo bungabandakanya okunye kwalokhu: imilolozelo, izilandelo, izihasho, iziqubulo, amahubo, imilozi, izangelo, izithakazelo nezibongo ezinhlobonhlobo. Okusemqoka ngalobu bunkondlo ngumnotho omkhulu namagugu akwaZulu esiwuthola kubona. Amagugu kanye nomlando wamakhosi oselwa akwaZulu utholakala ezibongweni zawo. Kanti nezinkondlo eziningi zethu zesimanje zibunjwe zahlelwa ngendlela esuselwa ezinkondlweni zomdabu. Uma sesibhekisisa nakuzo izithakazelo zabantu abehlukene sihlangana nemilando kanye nokhulukhulwane bazo. Kuthi nalapho sihlolisisa amahubo athile ezimpi sithole amagama amabutho nokunye.

Okuningi kobuciko bomlomo okufana nezinkondlo akwaziwa ukuthi kwaqanjwa ngubani. Akumangalisi-ke ukuthi uthola izinhlobonhlobo zokukwethula lokhu nakhu kudluliswa ngomlomo okuthi kufika kumuntu wesibili nowesithathu kube sekuguqukile. Okubalulekile ngalezi zinkondlo zomdabu ukusebenzisa amagama ngendlela eletha isigqi esimnandi nokusebenzisa imifanekisomqondo enembayo.

## Imilolozelo nezilandelo

Zozimbili lezi zinkondlo zomdabu zisetshenziswa ukulolozela noma ukuthunduzela umntwana. Umlolozelo uyisosha sokuthunduzela umntwana uma ekhala ukuthi athule noma kufunwa ukuthi alale. Ngakho sivamise ukuba sifushanyana, siphindaphinde amagama noma izinhlamvu ezithile okuletha umgqumo wobunkondlo omnandi kanjena:

**Thula-thula**

Thula mntwana, thula thula.
Umama uyakubuya
Ethwel'umcaba!
Thula thula mntwana.
Thula thula ngan'encane!

Isilandelo sike sisetshenziswe ukuthunduzela, umsebenzi ofanayo nowemilolozelo. Siye sehluke ngokuba ngumdlalo, odlalwa ngabantwana asebethe xaxa lapho bezijabulisa, bechitha nesizungu. Sivamise ukuhaywa yizingane ezimbili noma amaqembu amabili enikezelana, omunye ebuza abanye bephendula. Lokhu kuphendulana kuhambisana nezwi eliguqukayo bese liletha isigqi esimnandi sobunkondlo ngoba kube sengathi ngumculo. Kanti lapha sibuye sibone nokusetshenziswa kwemifanekisomqondo. Indlela okudlalwa ngayo isilandelo sisidlulisela esakhiweni esinombuzo nempendulo njengalezi njena:

Yeyi we mfana
Yeyi we mfana

Yeyi aph'amathole?
Yeyi akonina.
Yey'azodlani?
Yeyi umgqushumba
Yeyi uwubekephi?
Yeyi endlini kaGasa
Yey'uGasa athini?
Hhayi suka nje
Uvemvane luyavakasha,
Emagangeni imbuzikazi
Ithwel'umqheke
Omekle! Omekle!

## Iziqubulo

Iziqubulo izinhlobo zezinkondlo zomdabu zihlanganiswe ndawonye ngoba omunye wemisebenzi yazo uyafana emphakathini. Angithi kuthi lapho zihashwa zivuse amadlingozi enza ukubambisana ngobunye. Iziqubulo zisetshenziswa ukuvusa ilukuluku lokubambisana ngobunye lapho kwenziwa umsebenzi othile. Kwesinye isikhathi ungelamela abantu bequkula ujantshi wesitimela kungathi baphakamisa iphepha, lokhu kwenziwa yisiqubulo abasihayayo. Nakudala zazihaywa iziqubulo lezi ubone amabutho equkula inyathi eyidephula kalula nje. Ubuciko bolimi buhlala obala lapho zihashwa ngamazwi okungathi ayacula, kanye namazwi anezifengqo kuwona njengoba sibona kulezi ziqubulo ezilandelayo.

**Qubula zasha**

Qubula! Zasha!
Ngithi: Qubula bo!
Zasha! Zasha! Zavutha bo!
Insimbi kayigobi gobi bo!
Insimbi kayivumi!
Yithel'amanzi bo!

Hhawu suka mntanomlungu!
Umhlan'uyagoba! Insimb'ayigobi!
Phinde! Phinde! Mlungu!
Qubula! Zasha!
Lagqwal'ithusi! Ngafa mina!
Qubula! Zasha!

## Amaculo

Kukhona izinhlobonhlobo zamaculo omdabu okungaxoxwa ngawo ngaphansi kobuciko bomlomo. Nala maculo angase abizwe ngamagama ehlukene, kokunye kuye nangezigodi lapho okukhulunywa khona ngawo.

Kukhona okuvame ukubizwa **ngamahubo**. Amahubo la ahayelwa ukuvusa usinga namadlingozi ahlukene. Amanye amahubo adume ngoba ahambelana namakhosi oselwa athile. Elenkosi uShaka nje lithi:

**UNdaba angazidla izwe lonke**

UNdab' angazidl' izwe lonke
Izinkomo zamadoda
Um' engahle asiphake
O... hho...
Khethan' amagwala,
UNdab' anamahele...

Kukhona amahubo aculelwa imisebenzi eyehlukene. Ezinhlotsheni ezikhona singaphawula amahubo empi nawesizwe aculwa lapho kuphakwa impi iyohlasela, kukhona awokuphuma inqina kanti amanye awemcimbi ethile yesizwe efana noNomkhubulwane nje. Ake sibheke amahubo empi lana okuthi lapho ehaywa kuvuke usinga emabuthweni, azibone esemunye, esemele isizwe nemindeni yonke yaso. Izinsizwa ezincane nezindala zibonakale nje ukuthi sezishiselwa yigazi, zigxuma zibheka phezulu, zisikaza, zivika ubala. Kwesinye isikhathi amahubo

aphelezelwa yizigubhu, konke lokhu kuvusa imizwa yobunye emabuthweni, azizwe sekushisa igazi nakhu asefisa ukuthi ngabe asebambene ngezinqotho nezitha zawo. Ubuciko obukhulu emahubeni bulethwa yisilesi sigqi esilethwa ukuphindaphindwa kwamagama namazwi athile. Nazi izibonelo zamahubo empi lapho kuhlaselwa kanye nahutshwa lapho impi seyibuya inqobile.

**Ihubo lokuphakwa kwempi**

Waqedaqed'izizwe,
Uyakuhlaselaphi na?
E! Uyakuhlaselaphi na?
E! – E! – E! – E!-
Uhlaselaphi na?
Wahlul'amakhosi,
Izwe ngelesil'indlovu
Wanqoba amakhosi!
Ozizwayo kabuye,
Aphinde kwaZulu
Wawel'uSuthu,
Wawel'uMkhomazi,
Wawel'iMbuluza!

**Ihubo lempi enqobile**

Sayidudul' impi yethu!
Sayidudula, eyaya ye!
Impi! Eyaya ye! Eyaye!
Sayidudula le mpi, eyaye!
Impi eyaye! Sayidudula, eyaye!
Impi sayidudula, sayidudula bo!
Sayidudula! Dudu! Sayilahl' ethala!
Sayidudul' impi! Sayidudula bo!
Sayidudula nans' iyoshona ngale!

Nazi-ke izibonelo zamahubo ahutshwa lapho kuphunywa inqina, kuyozingelwa. Ukuzingela lokhu kwakungumsebenzi omkhulu emandulo. Angithi amakhosi oselwa uqobo ayaye aphume namabutho ayozinge-

la. Yingakho-ke kwakuba nezingoma zakhona ezazenzelwa ukuvusa usinga nesibindi emabuthweni, kuthi lapho ephuma asukele phezulu. Nakhona lapha akunabunkondlo obutheni ngale kwesigqi sokuphindwa kwamazwi laphaya nalaphaya.

**Iphum' inqina**

Iyeya ye, e, iyeya ye!
Isivunguvungu sabovula,
Badedele bahambe;
Bemuka nazo, babuya nayo!
Thina sihlab'evukayo,
Siyek'enabile neleleyo!
Ayike, ayike! Eyaye!

**Inyamazane**

Inyamazan' ilele kuphi na?
Ngale kwentaba, emahlathini!
Ngithi kuphi na mabutho?
Ngal' ehlathin' elimnyama!
Asiqonde khona! Asiqonde khona!
Nant' ihlahla lenel' emhlane wayo!
Sayihlab' umhlane! Umhlan' obanzi!
Sadla! Sadla! Sadla bo!

Amahubo esizwe aye ahaywe ngabantu bonke emicimbini yamasiko ethile yesizwe. Amasiko emicimbi yesizwe ahlonishwa yiwo wonke umuntu ahlanganisa ukufezwa kwemicimbi eyenzelwa okunye kwalokhu: ukubonga, ukushweleza kanye nokucela okuye kuxhumane ngandlela thize nabadala abangasekho emhlabeni. KwaZulu kusetshenziswa igama lamadlozi. Amadlozi angabantu abadala abahlonishwa kakhulu lapho kwenziwa imicimbi yezenkolelo yesizwe, nakhu aze ahlatshelwe nokuhlatshelwa. Kanti kwesinye isikhathi uthola kuhutshwa amahubo lapho intombi iphuma emgonqweni, iphuma iphelekezelwa ngontanga bamantombazane nabafana. Ihubo elithi alifane naleli lijwayelekile emicimbini yalolu hlobo:

**Ubende wuthango**

Ubende wuthango lwabafazi,
Hheya! Hheya! Hheya! Ye!
Ubende wuthango lwabafazi,
Intaba ngamehlo kambuki,
Hheya! Hheya! hheya! Ye!
Ayikho inyoka kwaMchunu
Hheya! Hheya! Hheya! Ye!

KwaZulu kwakukholelwa eNkosazaneni yezulu uNomkhubulwana. Ngokwabadala le nkosazana ngekaMvelinqangi, ekwazi ukupha abantu inala, isivuno esinhle. Uma kugcinwa umcimbi wale nkosazana, kwakuphuma amakhosikazi onke esigodi enze ilima, ukuhlanganyela insimu elinywayo. Kule nsimu kwakutshalwa ingxubevange yezitshalo, ezazingahlakulelwa futhi ingavunwa lapho seyivuthiwe. Kwakuphiswa notshwala bedili buthi bungavuthwa buyiswe khona ensimini leyo. Kukhona ihubo elalihutshwa lapho kulelo lima, esilibona njengobuciko bomlomo nalo ngoba lalilokhu lidluliselwa ezizukulwaneni ngomlomo. Nali-ke lelo hubo:

**Nang' uMagejana**

Nang'uMagejana nango!
Sibiz'amabele awomame!
Wo hhaye! Buyani madoda,
Niz'ekhaya! Wo Hhaye hhaye!

U-D.B.K. Mhlongo (**Iziko 1987:66**) ubuye abhekise ezinhlotsheni ezimbili zomculo: umvumo nomchwayo. Umvumo lo uhutshwa yizinsizwa ejadwini, njengalona nje:

**Wenduna**

Wenduna
    Kwaqhum'isibhamu
Wenduna
    Esavutha

Wenduna
Uyawabon' amaBhele
Ehloma kancane
Afun' ukwenzani?

Kanti umchwayo ungenziwa yizintombi lapho sezingena esigcawini nxa kunejadu, njengalona:

**Mzungezi**

Mzungez' uzokhalelani?
Anibombheka.
Uzokhalelani?
Anibombheka
Uzokhalel' ubani?
Mzungez' uzokhalelani?

Amaculo okungakhulunywa ngawo lapha aze edlulele kulawo avela eminyakeni yanganeno, lapho sekukhona nokuphawula ngokuthile kwezombusazwe. Nanto nje iculo elavela ngo-1956 abesifazane bebhikishela umbuso:

**Uthint' abafazi**

Uthint' abafazi
Uthint' imbokodo
Uzokufa.

Encwadini kaMaphumulo ethi **Unqambothi** (1993:49) kukhona athi kuyisiqubulo esiqondene nempi, okusobala ukuthi leli culo lisuselwa kuso. Sithi:

Wathinta thina
Wathinta imbokode
Uzokufa.

Kukhona abaqoqi bobuciko bomlomo asebefaka namaculo avame ukuzwakala emishadweni yesimanje. U-L.Z.M. Khumalo encwadini ethi

**Uzwathi LwabeNguni** (1993:52), la maculo uwabiza ngokuthi 'Imichwayo yemigcagco'. Elinye lalawo ejwayelekile ngelithi:

**Aniboyigcina**

Aniboyigcina
Aniboyigcina
Aniboyigcin' intandane
Ngoba kusasa nizoth' uyeba
Nith' uyathakatha
Nith' udl' amaqand' umakoti.

Kusobala ukuthi ngaphansi kwalo mkhakha wamaculo kungena izinhlobo ezahlukene. Uphawu olusemqoka ukuthi lolu hlobo lweculo lizwakala selisemphakathini nje kangangoba akube kusaziwa ukuthi ngubani ngempela umqambi walo.

## Imilozi

Imilozi izihumusho zemisindo okanye umculo wezinyoni. KwaZulu kunenkolo yokuthi uma inyoni ibanga umsindo othile isuke ixoxa indaba. Kukhona nabacwaningi abathi ukuyilalela le misindo bathola izihumusho zayo zinobuciko nezimpawu zobunkondlo ezithile. Singathi nje kukhona imifanekisomqondo ethile efikela laba bantu abahumusha le misindo yezinyoni. Nakhona lapha sihlangana nemisindo exoxa izindaba ezehlukene njengobuningi bezinyoni ezikhona. Nokho thina sizothi nje qaphuqaphu ngeziboniso ezimbalwa ezitshengisa ubunkondlo bokuphindaphinda okuletha isigqi nokunye nje.

**Insingizi**

| | |
|---|---|
| Insikazi: | Ngiyahamba-ngiyahamba,<br>Ngiya kwabakithi. |
| Induna: | Hamba hamba kad'usho. |
| Insikazi: | Ngiyahamba ngiyahamba!<br>Ngiyakwabakithi! |
| Induna: | Ngithi ukusutha konke lokho! |

**Inswempe**

'Swempe! Swempe! Swempe!
Swempe! Khona ngigodola!
Khona ngigodola koba nani?

**Ingede**

Mame Mamndengede,
Ngafike kwezinoju,
KwaMaphath'azishiye,
Nomtsheketshe, bapha
Kukhul'umondli wezintandane,
Edla izintandan'ezihambayo!

Emilozini sivame ukuthola ukuphindaphindwa kwamagama okuletha isigqi sobunkondlo. Sike sithole nomculo onothe ngezifengqo. Lena ye**ngede** nje ibonisa ubuciko bokusetshenziswa kwesenzamuntu. Kokunye siye sithole kunamazwi ahambisana nokuhaya okusazibongo. Ubuciko bomlomo buhlala obala-ke kule nhlobo yezinkondlo zomdabu ngokuthathwa komculo wezinyoni unikezwe amazwi anothe ngezifengqo nokunye kobunkondlo.

Babe khona abanye abacubunguli bemilozi, njengoGule nabanye (Gule 1991:62) ababona ukuthi lapha kungafakwa ngisho 'ukukhala' kwezilwane noma ezinye izinto ezingaphili. Imbongolo nje ithi uma ikhala ithi:

Ngiyasebenza
Kodw' angitholi napen', pen', pen'.
Ibhande nsi, nsi, nsi,
Unduku bho, bho, bho.

Kanti isitimela sona siye sithi:

Nothwethweshe
Gez' ukhamba
Seng' lambile.

Kungaba khona-ke ukuphikisana ngokuthi igama lomlozi liyifanela kanjani imisindo engewona ngempela 'amakhwela' njengalawo enziwa yizinyoni.

## Izangelo

Umuntu owazi izangelo nomsebenzi wazo angathanda ukungabaza kancane lapho ethola lokhu kuhlela kwethu. Angithi phela uma uzifunda izangelo lezi ufumana ukuthi ziyizidlaliso eziqanjwa ngunina womntwana. Ukuziqamba kwakhe usuke ekuqondise ekumthunduzeleni noma ekumthuliseni lapho ekhala noma efuna ukumlalisa. Manje uma izangelo zingumdlalo wokududuza umntwana kungani zidingidwa ngaphansi kwezibongo na? Sesishilo ukuthi izangelo lezi ziqanjwa ngunina womntwana, eziqambela lowo mntwana wakhe kuphela zingeke zisetshenziselwe noma ubani njengomlolozelo othi: **Thula! Thula!** Kanti futhi uma ufunda lo mlolozelo uthola kubongwa lowo mntwana kanjalo kwethulwa nomlando kafushane.

Ezangelweni singase sihlangane namazwi kanina womntwana abalisa ngesimo sokukhulelwa aze abelethe kokunye lokhu kwenzeke kanzima. Angase aphawule ngenjabulo ayalethwa ukufika kwalo mntwana. Ezinye uzithola sezipikla ngisho ukupikla lokhu, ikakhulukazi uma lo mame endele esithenjini. Phela lapho usepiklela ozakwabo mhlawumbe kade bemdlisa imbuya ngothi, ngesizathu esithize. Nasi isibonelo sesangelo esigqamisa isigqi ekuhlelweni kwamagama akhetheke kahle kanye nezifengqo ezigqamisa ubunkondlo lapha nalaphaya.

**EzikaMziwensizwa Nxumalo**

Zinsizwa! Zinsizwa Muzi!
Ngagana ngimuhle, Muzi!
Ngakhulelwa, ngaphenduka,
Bangengama ngesithunzi,
Ngabathe, ngiyathe Muzi!
Phind'ukuvum'amaNdwandwe,

Phind'ukukhul'umntwana.
Zinsizwa! Zinsizwa Muzi!
Waqhamuka madlis'umona ngokusa!
Madabul'ubumnyam'odlisa ngenkani!
Ozakweth'izinsizwa ziphelel'eGudunkomo!
Bayokhulum'ezingosini Madlisangenkani,
Bayoze baphumel'obala, Nkonjan'emnyama ngenkani!
Badwenguluke bangqazuluke bayivuma:
'Ziphelel'izinsizwa kaMkhatshwa!'

KwelaseMantobelo sake sahlangana noBafunani Mhlongo owayesho izangelo zengane yakhe uThamsanqa. Sithola ukuthi zihlanganisa umlolozelo bese zedlulela kokusazibongo okubhekisa ikakhulu ekuguleni okubi kwale nsizwa isencane:

Thula mfana wami
Thula nto yami ngazitholela
Sigaxana mabhande
Bayokushiya bekubona
Nsizwa zihamba ziy'esokeni
Mavuswa yi-ambulense yaseMantobela
Mabuy ' umbelethe njengojosaka
Ngithumela wena mfana wami phambili
Angisoze ngathumela lutho ngemuva
Ngibalethela wena
Thula baba!
Owa, owa, owa owa
Hamba mfana wami
Bayokuzwa ngephupho naphambili
NangePhasika bayobe bebiza wena
Beth' usufile kanti awukafi
Mavuswa yilambu
Izinsuk' ezin' ulele phansi
Ungasaphefumuli
Kodwa namhlanj' uyaphefumula
Silwan' esibomvu esingabonwa muntu
Sibonwa njengenkum' ihamba phans' esikhunini.

Zikhona nezinye izinhlobo zezangelo ezingase zibe zinde, kubuye kudinge ukuba umuntu achazelwe okuthile okwenzekayo ukuze aqonde kahle ukuthi zisho ukuthini ngempela.

## Izithakazelo

Izithakazelo lezi olunye uhlobo lwezibongo, abanye abacwaningi nabacubunguli abazibiza ngokuthi izithopho. Zivamise ukubizwa ngaleli gama ngenxa yomsebenzi wazo wokubalekela isibongo somuntu lowo uma ebongwa ngezenzo ezinhle azenzile. Ungase uthole umuntu wakwaNdlovu kukhulunywa naye kuthiwa: **Gatsheni! Boya benyathi! Ndlovu zadl'ekhaya ngokweswela abalusi!** Kokunye abantu basebenzisa izithakazelo lapho bekhuleka emzini womnumzane, noma kuhlonishwa nje.

Ziningi kakhulu izincazelo esezethulwa abacwaningi nabacubunguli ngezithakazelo, cishe zonke zinokuhlangana okuthile ngomsuka nobunjalo bazo. Eqinisweni zonke izincazelo ziqhakambisa iphuzu lomlando kanye namagama okhokho nokhulukhulwane besibongo esithile. Kanti azigcini lapho kuphela, zibuye zethule nenzalabantu yaleso sibongo kanye nezibongo ezibonisa ukuhlabana kwayo nokokhokho abathile. Nokho siyabuthola nobunkondlo obuthile nakuzo izithakazelo lezi. Sihlangana nakho endleleni ekubhalwe kwabuye kwahlelwa ngayo elandela eyezinkondlo, siqonde imvumelwano, ukuxhumana, okubonisa ubuciko bokuphindaphinda, kokunye nomnotho wokusetshenziswa kwezifengqo. Bheka nje lapha kulesi sithakazelo sakwaNdlovu, kungathekiswa oGatsheni kuthiwe bangoBoya benyathi. Okubalulekile ngalobu bunkondlo esakhiweni ukuthi sasungulwa ikhono nobuciko bezimbongi ngale kokuphoqelelwa yimithetho yesimanje. Ake sizibhekele-ke nathi ukuthi ngabe kuyavela nje lokhu esikuthinte ngasenhla kulezi zibonelo ezilandelayo:

**Gumede**

Phakathwayo!

Mnguni! Qwabe!
Mnguni kaYeyeye.
Osidlabehlezi!
BakoPhakathwayo kaKhondlo,
Abathi bedla, umuntu bamyenge
Ngendaba bathi: 'Dluya kubeyethwe.
Kanti bahlinz'imbuz'enonile.
Bath'umlobokaz'ubeyethe kayikhuni.
Bathi badikida yoyo daba yobukhuni!
Bakhomb'intaba yakhal'izinyembezi,
Babhonga bathi: 'UNgoye yoyuya!
Phakathwayo kaKhondlo kaMncinci,
KaLifutha, kaSimamane wawoSidinane,
Izinyane likaNonjiya kaMlomo,
WawoSongemane kaQwabe, kaMalandela!
Ngokulandel'izinkomo zamadoda,
Yen'ezalwa nguLufulwenja,
Inkonyane kaNtombela, kaMahlobo!
Amazala-nkosi lana
OMpangazitha! Bantwana benkosi
Nina bakwaNtokela!
Ndabezitha! Maqhaw'amakhulu!

Masiphawule-ke nangokwethulwa nokubhalwa kwezithakazelo lezi ukuthi njengoba zidluliselwa ezizukulwaneni ngemilomo eyahlukene futhi ngezikhathi ezingafani kuyaphambana nokungaphakathi kuzona. Ngakho-ke ungase uhlangane nokuhlela okuthe ceze kulokho okwaziyo, inqobo nje ukwethulwa kokhokho kanye nenzalabantu yaleso sithakazelo.

Zibalulekile izithakazelo emlandwini nasemasikweni esizwe, kanti nethonya lazo lisalokhu libelesele. Bhekani nje ngonyaka ka-1977 umnumzane u-D.M. Mzolo wahlala phansi wacubugula ukwethulwa, ubunjalo, okuqukethwe kanye nomsebenzi wezithakazelo ezifundweni zakhe zika-M.A. enyuvesi yaseNatali. Isihloko somsebenzi wakhe sithi: *A Study of Nguni Clan Praises in Natal and Zululand.* Kanti seziningana nezinye izincwadi esezishicilelwe ezidingida zona izithakazelo lezi.

Uma sikhuluma ngezibongo sivamise ukubhekisa ezinkondlweni ezinokubonga nokutusa umuntu othile, zibuye zithinte okuthile empilweni yakhe, ziphawule ngomlando nangozalo lwakhe ngandlela thize. Uma sekungenwa ezibongweni zamakhosi oselwa amadala akwaZulu sithola kuthintwa ukubusa kwenkosi leyo kuze kuyophawulwa nangobunjalo bayo. Okuningi ngawo amakhosi lawa sizokuphawula lapho sesidingida izibongo zawo uqobo. Imvamisa yabaqambi bezinkondlo zomdabu ezinokubonga phakathi iningi labo liyaziwa.

Izibongo zazingabhalwa zihlelwe ngesakhiwo esesilandelwa kulezi zinsuku. Imbongi yayithatheka impongoloze ngale kokucabanga nokuhlala phansi ihlele izibongo ngokobunkondlo bokuphindaphindwa kwamagama okuletha isigqi okanye ukusetshenziswa kwezifengqo. Isigqi sasilethwa noma sasisekelwa yisimo salapho somcimbi lowo udinga ukuthi kubongwe, nakhu imbongi isebenzisa izwi elihambisana naleso simo. Wawungathola izibongo ziletha isigqi esisheshayo emicimbini ethile kanti zona futhi lezi zibongo zingahaywa ngokunensa zilethe isigqi esihambisana nomcimbi lowo.

Ziningana nokho izinhlobo zezibongo esizithola ngaphansi kwalo mkhakha ngaphandle kwezamakhosi ohlanga esivame ukukhuluma ngazo.

## (a) Izibongo zezilwane nokunye

Lezi zibongo zisuke zitusa okuthile kwesilwane noma okunye okubongwayo. Nakhona lapha ezibongweni zezilwane asiwutholi umlando nozalo lwazo. Nokho sithola ezinye ziphawula ngamagama, zibuye zinikeze nezenzo ezithile ezinhle zazo. Singake silinganise nje nganazi izibongo zenkunzi:

**Izibongo zenkunzi**

UNomalevu kaNomaleketheǃ
Unkobe zaphekw'emthini zanyanta,
Zakhwezelwa yimpaka nesikhova,
Ubhukuda kwesinezingwenya.
Utolotolo, isizib'esizwiwa
Ngobhoko olubuthuntu,
Uklevuklevu wezihlabathi
Umahlaba phans'abuye nodaka.
Umphandela nkunzana.
Kuchanas'imithantazana.
UJamlud'obomvu njengentolwane,
Inkunz'ekhony'izibaya ngezibaya,
Umakhonya kunyakaz'iziziba!
Ugxamalaza kuphum'ijongozi,
Inkunz' emidwayidwa kad' izidwangula!

Bukhulu ubunkondlo esibutholayo uma sifunda lezi zibongo. Ngale komgqumo olethwa ukuphindaphindwa kwamagama athile, lapha sinqwamana nobuciko bokusetshenziswa kwezifengqo ezifana nesingathekiso kanye nesifaniso ngendlela enembayo.

Uma silahlela iso kafushane kulezi zibongo sinqwamana nekhono elinembayo lokuchaza le nkunzi ngezifengqo ezifana nesifaniso, isenzamuntu nesingathekiso. Bheka le migqa ecashuniwe:

**Isifaniso**: UJamlud'obomvu njengentolwane.
**Isingathekiso**: Unkobe zaphekwa yimpaka nesikhova, Utolotol'isiziba esiziwa ngobhoko olubuthuntu!

Zikhona nezinye izibongo zezilwane zasekhaya ezisabonisa bona lo buciko nobunkondlo. Lezi zaqanjelwa izilwane ezithile ezinamagama azo. ULawrence Molefe waqoqela ndawonye izibongo zalolu hlobo, wazicwaningela izifundo zakhe zika-M.A. ngonyaka ka-1992, ngaphansi kwesihloko esithi: *An Analysis of the Praises of Domestic Animals.*

Kanti ngaphandle kwezilwane kuningi okunye okunezibongo, njengezinduku, kamuva sekubongwa namabhasi nezitimela. Bheka ngoba nezindawo ezithile njengeGoli nje, zike zibe nezibongo.

### (b) Izihasho

Bakhona abacwaningi bobuciko bomlomo ababona kungcono ukuba izibongo zabantu abejwayelekile nje, abangewona amaqhawe esizwe noma amakhosi, kuxoxwe ngazo ngaphansi kwegama lezihasho. Siyabubona ubucayi bokuzama ukuluchaza kahle lolu hlobo ngoba nomuntu 'phaqa' angabongwa, kamuva abe yiqhawe, kokunye agcine eseyinkosi. Nokho elezihasho libhekiswe ikakhulu ezibongweni ezithanda ukuba mfushane, okungaba ngezabesilisa noma abesifazane. Kwejwayelekile nje ukuba umuntu azibonge yena ngalezi zibongo. Sithola izibonelo eziningi zazo encwadini kaLiz Gunner noMafika Gwala ethi **Musho** (1991). Nangu nje uMaJele wakwaMadondo ezibonga ethi:

NginguDabul' isiqiwu
Esingadatshulwa intombi
NguSibindigidi
Ogidela abathakathi
Uphikelela ngenkani...

UKhekhe Ngcobo waseNanda wazibonga wathi:

NginguKhekhe kaSigibhi,
USigibhi kaDube
Umcaphuni wezinkob' ezishisayo
Umqaqi wefindo ebeliboshiwe amadoda.

### (c) Izigiyo

Zikhona izibongo ezike zizwakale ikakhulu lapho kubuswa nje, kokunye kade sekudliwa ndawonye. Lapho esephumela eshashalazini umuntu, esezogiya, uthi ukusho amazwana ambalwa nje, bese bewenanela

abanye. Emva kwalokho usengagiya aqephuze, baqale futhi bamhashe, kokunye sebefaka nokuthathwa ezobongweni zakhe ezaziwayo. Lokhu angase akusho engakagiyi kuvame ukuqukatha lokho yena athi uyikho noma uyakwenza, bese benanela abanye bemvumela kulokho akushoyo ngaye, njengokuthi:

| | |
|---|---|
| Ogiyayayo: | Ngiyamshaya,<br>Ngiyamshaya umthakathi lo! |
| Abenanelayo: | Uyamshaya,<br>Uyamshaya umthakathi lo! |

Lapho labo abenanelayo bephinda okushiwo ngogiyayo, bazothi ukusiguqula isigqi sokukhuluma, belule ezinye izinhlamvu.

Noma ngubani angaba nazo izigiyo lezi kusukela kumuntu nje, kuze kufike enkosini imbala.

## (d) Izibongo zamaqhawe athile

Izibongo lezi ziyingxenye yobuciko nobugagu lapho obongayo, esimbiza ngembongi ephimisela khona imizwa, imicabango, izifiso nokunye ngomuntu okanye isimo esithile njengoba ezinye sesizithintile. Uma imbongi isikhankasile, isisukwe ugqozi, yehla yenyuka ibongela kusuka kuvuke amadlingozi nosinga kobongwayo nabalalele. Kuvamisile ukuthi uma kusendaweni ehlanganise isizwe esisodwa sikaZulu uzwe sebenanela bethi: 'Musho! Musho bo!' Ingxoxo yethu ngezibongo izogxila noma izokwethula kakhulu izibongo zamakhosi oselwa akwaZulu ngoba cishe zithathwa njengomthombo nesisekelo sobumbongi nobunkondlo bomZulu. Nokho masikubeke obala ukuthi izibongo lezi zazingasetshenziswa ekubongeni amakhosi kuphela, lokhu sesike sathi jwaphu ngakho engxoxweni engaphambili. Kanti futhi nawo ayebusa ngokusizana nabanye abantu njengoba nathi sazi ukuthi inkosi yinkosi ngabantu, naphambilini-ke zazikhona izihlabani.

Miningi imibhalo eseyibhaliwe ngeqhaza elabanjwa yizinduna namabutho athile ebukhosini bakwaZulu. Uma sifunda ibhuku likaTrevor

Cope elithi **Izibongo**, elicubungula izibongo nobunjalo bazo, liphawula ngezibongo zamakhosi, izinduna, amabutho athile, abesifazane ababamba iqhaza ekuphumeleliseni umbuso wakwaZulu esingababiza sithi ngo-Mafungwase besizwe. Akagcini ngezihlabani ezinsundu uze anikeze nezibongo zabelungu ababephila ngalezi zikhathi imbala. Lo mcubunguli kanye nabacubunguli abangaphambi kwakhe nabamlandelayo balibeka obala iphuzu lokuthi izibongo zazisetshenziswa ngisho nangabantu nje.

Okunye okuphawulwayo engxoxweni ngezibongo ukuthi zinobuciko obungahlangene nemibhalo yaseNtshonalanga. Abantu babefaniswa nezilwane nezinto ezithile ezichaza ububona. Sisho ukukhethwa kwa-magama afana namabhubesi, imililo, izilo, izivunguvungu lapho kucha-zwa imizwa yolaka, amandla nentukuthelo. Leli khono litshengisa ukusetshenziswa kwemifanekisomqondo okwachazwa ngabaseNtshona-langa lapho sekufika imfundo nokuloba ngosiba.

Ezibongweni zamaqhawe kwakusuke kuthoshwa noma kuhaywa i-qhawe noma induna ethile ebambe iqhaza elivelele ekubuseni, ezimpini nokunye ngezikhathi zakudala. Lapha sizokwethula izibongo zelinye lamaqhawe adumile emlandweni wamaZulu.

**UNozishada kaMaqhoboza wakwaNzuza**

UMaziqomela njengesilwane.
Unqamul'abant'aqambi.
Ugebhuz'izulu!
Ungogo zabantu nezezinkomo;
Umahlungulu-ngodweni!
Umali wendima, kant'uyazalela.
Usehla ngandawana yakhe yedwana.
Umgwazi weziqananazana.
Unyawo lungangendlu yakwabo,
KwamaSicazana, oManqe bathi:
'Adlani ngalapha kwaleziya ntaba?'
Adl'abantu bakaNozishada kaMaqhoboza.
Uchakide ozikhohlokhohlwana.
Untak'oduke namihlambi,

Ngob'iduke nezawoMzilikazi.
Unophandamthombo wezisele.
Untamo kayidinwa yiziqu,
Njengabo bonke zibadinile.
Ubehlangabez'uZulu eMaqongqo,
Kwaze kwabuz'uNdlela,
Wathi: 'Uzoyibamba iphi na?
Mfana kaMaqhoboza ngiyabuza?'
Wathi-ke: 'Nans'eyami,
Engizoyibamba kuyo!'
Wayesethi-ke yena: 'Kepha ngiyakhala,
Ngoba ngibona nje, inkos'isithele
Abafana, angibabon'engizakulwa nabo,
Ngibona abafana bodwa.'

Iphuzu elisemqoka kulezi zibongo ukugcinwa komlando ngendlela egqamisa ikhono lobunkondlo. Lapha sihlangana nokusetshenziswa kwezifengqo, ikakhulukazi izifaniso nezingathekiso. Uma kuhlolisiswa nokuhlelwa kwemigqa nezibongo nje lapho uzifunda uthola isigqi esithile. Singalinganisa ukusetshenziswa kwezifengqo – lapha kungathekiswa uNozishada kuthiwa: **Uchakide ozikhohlokhohlwana.**

Yilobu bunkondlo bezinkondlo zomdabu obandlalela izinkondlo zethu zesimanje. Kukhona nokunye okungaphawulwa ngesimo nesakhiwo salezi zibongo nokho asizowageqa amagula okwamanje.

## (e) Omafungwase bakwaZulu

Isizwe nesizwe, umndeni nomndeni ubunjwa ubukhona bukamame ekhaya. Umame lona kumele abeqotho futhi abe ngelinye iso likababa wasekhaya. Kukhona umbono ovamise ukuqhamuka lapho kuxoxwa ngabantu besifazane obekeka kube sengathi isifazane asibambi qhaza kangako ekubunjweni nasekuphathweni kwesizwe. Lapha esizweni sakwaZulu kunabesifazane ababili, esineqholo ukubabiza ngoMafungwase ngenxa yemisebenzi yabo. Muva nje sesike sihlangane nezisho zabaseNtshonalanga eziqhakambisa ukuthi empumelelweni yomuntu

wesilisa kukhona umame owa evuka nemizamo yokumgqugquzela. Kanti lapha kwaZulu kudala isimame sama njengomgogodla embusweni futhi lokhu bakwenza ngempumelelo. Kungakho kungasimangalisi ukuthola laba besifazane bemdibi munye namaqhawe kanye namakhosi oselwa.

UMafungwase owaqala ukudla ubhedu kulo mkhakha nguMkabayi kaJama, uyisekazi kaShaka. Izincwadi zomlando kanye nezibongo ezaqanjwa ngalezo zikhathi zikubeka obala ukubaluleka kukaMkabayi ekubumbeni umbuso kaZulu. Kafushane nje umlando uthi uMkabayi wayezalwa nguJama eyiwele elincane. Iwele lakhe elidala kwakungu-Mama. Kwakufanele agingiswe igabade ngoba ngalezo zikhathi amawele ayengemukelwa esizweni. UJama wala waphetha ukulandela lelo siko lokuthi angabulala umntwana wakhe. Ubuqotho nobuhlakani buka-Mkabayi babonakala lapho sekushone unina, ngokufaka isandla ekuganweni kukayise, uJama yinkosikazi eyazala uSenzangakhona. Wala waphetha ukugana efuna ukubona impumelelo yombuso kaZulu. Ubuqili, nobuqotho, nokuhlakanipha kwakhe kwagqama kakhulu ngokuba ngumgogodla embusweni kayise uJama, uSenzangakhona, uShaka, uDingane kwaze kwayofika kuMpande. Konke lokhu kuvela ngobuciko nobunkondlo obukhulu ezibongweni zakhe ezilandelayo:

**Izibongo zikaMkabayi kaJama**

USoqili!
Iqili lakwaHoshoza
Elidl' umuntu limyenga ngendaba.
Lidl' uBhedu ngasezinyangeni,
Ladl' uMkhongiyana ngaseMangadini,
Ladl' uBheje ngasezanuseni.
UBhuku lukaManzi,
Olubamb' abantu lwabenela,
Ngoba lubambe kwanyamalala
Inkom'ekhal' eSangonyana,
Yakhal' umlomo wayo wabhoboz' izulu.
Iye yezwiwa nguMagwabalanda
Ezalwa nguMndaba wakwaKhumalo.
Intomb' ethombe yom' umlomo,

Zase ziyihlab' imithant' ezawonina.
UMthobela bant' izinyoni,
Bayazibamb' usezibuka ngamehlo.
UVula-bangene-ngaw' onk'amasango,
Abanikazi muzi bangene ngezintuba.
UMncindela kaNobiya,
UMhlathuz' uzawugcwal' emini.
Imbibakaz 'eyaqamb' imigqa kwaMalandela,
Yathi ngabakwaMalandela,
Ithi yikhona bezoqananaza ngazo zonk' izindlela.

Lobu bunkondlo bokukhetha izifengqo ezinembayo okukulezi ziboniso ezilandelayo kusiphoqelele ukucaphuna izibongo zaleli qhawekazi likaZulu. Awuzwe nje lapho kwethulwa ubuhlakani bakhe:

'USoqili!
Iqili lakwaHoshoza
Elidl'umuntu limyenga ngendaba.'

Ubuqotho namandla kaMkabayi kwethulwa ngobukhulu ubuciko nobugagu bokusebenzisa izifengqo. Nangu uMkabayi esengathekiswa nenkomo enamandla okubhonga ibhoboze izulu:

'Inkom'ekhal'eSangonyana,
Yakhal'umlomo wayo wabhoboz'izulu.'

Umlando kaMkabayi ngisho nokunqaba kwakhe ukugana kubekwe ngobuciko khona lapha ezibongweni zakhe. Kuhlala obala ukubaluleka kukaMkabayi ebukhosini bakwaZulu, umuntu wesifazane owabamba iqhaza emibusweni yamakhosi angaka.

**Izibongo zikaNandi unina kaShaka**

USomnqeni.
UMathanga kawahlangani,
Ahlangana ngokubon' umyeni.
UGedegede lwasenhla nenkundla.
Uphoko-phalala kuMaqhwakazi,

Angibonang' uphoko ukuphalala.
Umboni wamabhungez' uSontanti.
USontanti onjengowakwaGwazana.
USontanti kayidl' inkom' ensizwazana,
Udl' ubisi lwenkom' enezimpondo
Ukwesab' abayisengayo.
Intombi kaMbengi weNguga
KaSoyengwase kaMaqamede.
UXebe woMhlathuze.
Mfaz' ontongande zingamadoda.
Uyishaye yanyus' iSabiza.
Obengababafana baseNguga,
Abeza beluhayizana!

UNandi kaMbengi ngomunye womame abamqoka emlandwini wakwaZulu. UNandi kwakungunina kaShaka, umbumbi nomhlanganisi wesizwe samaZulu. Udumo lukaNandi aluqhamuki ekuzaleni kwakhe inkosi uShaka kuphela, lubuye luvela nasebuntwini nasekuziphatheni kwakhe. Lokhu kuqondiswe ekuzimiseleni kwakhe ukuhlangana, aze agcine ebonene noSenzangakhona uyise kaShaka, okwethulwa ngobunkondlo ezibongweni zakhe:

USomnqeni.
UMathanga kawahlangani,
Ahlangana ngokubon' umyeni.

Khona futhi kuzona izibongo lezi sibuye sethulelwe ubunjalo bakhe bokuba nokubekezela nolaka okwamenza wakwazi ukuhamba ewa evuka noShaka eyinkosikazi yedwa, emuva kokuxoshwa kukaShaka eSiklebheni. Awuzwe nje lapho bemhaya bethi:

Mfaz' ontongande zingamadoda.
Uyishaye yanyus' iSabiza.

UShaka wakwazisa njalo ukuhlupheka kukanina ewa evuka naye ekukhuleni kwakhe. Phela kuthiwa ngunina uNandi kuphela owabonisa uthando kuShaka ekukhuleni kwakhe. Yingakho-ke nje uShaka wama-

zisa futhi wamphatha kahle njalo uNandi waze wadlula emhlabeni. Uthando alutshengisa indodana yakhe lwenza ukuthi ikhule iqotho futhi izimisele ukuba yinkosi yokuqala yakwaZulu enamandla yize kukhona ababengakukholwa lokhu. Singasho kugcwale ukuthi lokhu kuhlupheka nobuqotho bukaNandi nabo baba nesandla esibalulekile ekubunjweni kombuso wakwaZulu.

## (f) Izibongo zamakhosi

Izibongo zamakhosi zithathwa njengencwadi yomlomo nyomlando wamakhosi kanye nobunjwa kobukhosi bakwaZulu. Lokhu kugqamisa ukuthi azizona izinkondlo eziqhakambisa ukucikoza ngamakhosi nje kuphela kodwa ziyibhuku lomlando kaZulu. UZulu wayengenalo ulwazi lokuloba phansi kodwa lokho akuzange kumvimbele ukugcina umlando ngendlela yezibongo. Njengoba besithe jwaphu esingenisweni ngobunjalo bezibongo, phela zisitshela ngenkosi. Nakhu ziqala ngozalo lwayo, zithinte ukukhula nezimpi eyazilwayo. Ezinye zibalise njalo ziphawule ngokuthatha kwayo ubukhosi, zithinte imizi, amabutho, ukuhlabana kwayo kuze kuyofika ekukhothameni kwayo.

Kubalulekile ukuthi lapho sidingida udaba lwezibongo zamakhosi sike sithi jwaphu ngezimbongi. Inkosi yayingabongwa nje yinoma ubani. Wonke amakhosi oselwa ayenezimbongi ezaziwayo ezabe zenza lo msebenzi obukhuni kangaka. Izimbongi ezaziwa kakhulu emlandweni wakwaZulu nguMagolwana Jiyane noMshongweni. URycroft (1974:61-62) ucaphuna amazwi kaJames Stuart athi:

> ...imbongi yamaZulu ephakeme, eyedlula zonke, nguMagolwana, indodana kaMkhathini, wakwaJiyane. Kwakuyimbongi yangokomthetho kaMpande, kanti yayike yambonga noDingane. UMagolwana wayephakeme kakhulu kunoMshongweni (imbongi kaShaka) ...noMahlangeni wakwaKhumalo (imbongi esemqoka kaCetshwayo) ...uSehla kaNdengezi kaManzini (imbongi kaDinuzulu); noHhoye kaSoxhalase wakwaNdlela (imbongi kaSolomon. (Hum.)

Elokuphakama kwembongi libhekise ekhonweni layo elingejwayelekile. Kungenzeka abanye babe neminye imibono ngokulandelana kwalezi zimbongi.

Nasemakhosini alandela uSolomon, sisho ingonyama uBhekuzulu, nengonyama uZwelithini lidumile igama lembongi uNsukuzenkosi Dlamini.

Yini edala ukuthi lo msebenzi wembongi siwuthathe njengomsebenzi onzima na? Izimbongi lezi zazinelungelo elingandile lokusho izinto okanye imizwa ngokuhamba kwezinto noma zizinhle kokunye ngisho zinganambitheki kahle enkosini. Uma umuntu owayengenalo leli lungelo wayengalinga abeke imibono yokusola inkosi ngobunjalo bayo, wayobe usegcinile ukudla anhlavana. Imbongi-ke yayithathwa njengomlomo wesizwe, ivunyelwe ukusola inkosi nangezinto ezingayiphathi kahle. Lapha kulezi zibongo ezingezansi sethule nezimbongi zamakhosi athile, lapho sikwazile ukuzithola khona.

Khona lapha ezibongweni zamakhosi sibuye sithola izibongo zamakhosi amabili noma ngaphezulu ziphawula ngephuzu elifanayo. Kuvamile futhi ukuthola zibongo zikayise sezinikwa indodana, lapho uhlangana nezibongo ziqala phansi enkosini yakudala, zilandeliswa njalo kuze kufike kuleyo nkosi ebongwayo. Uma sifunda izibongo zala makhosi alandelayo sihlangana nenzalabantu ilokhu iphindiwe kanje: **UJama kaNdaba**; kanti lapho kuyiwa kuSenzangakhona kuthiwa: **UMjokane kaNdaba**; uShaka – **nguDlungwane kaNdaba**. UDingane bathi: **Izibuko likaNdaba**; uMpande – **Inzingelezi kaNdaba**; UCetshwayo – **impunzi kaNdaba** bese egcina ethintiwe nalaphaya kuDinizulu –**ukhozi lukaNdaba**. Leli phuzu libanga intsha yanamuhla igcine ididekile ngokulandelana kwamakhosi akwaZulu kusuka emandulo kuze kufike engonyameni ebusa kule minyaka.

Iningi lezizwe nabantu lazi inkosi uShaka njengenkosi yokuqala yakwaZulu ngoba nakhu wahlanganisa isizwe sonke. Yebo yiqiniso ukuthi wahlanganisa isizwe sikaZulu waba yinkosi yaso enamandla. Phambi kokubusa kwakhe kwakukhona amakhosi ahlukene ayebusa izindawo ezincane ayefana noDingiswayo owayebusa isizwe sa-

kwaMthethwa, oMacingwane wesizwe sakwaMchunu, oPhungashe wakwaButhelezi, uSenzangakhona wakwaZulu, uZwide wakwaNdwandwe njalonjalo. Kwathi lapho uShaka esethatha ubukhosi wawahlasela wonke la makhosi, wabe esehlanganisa ndawonye zonke lezi zizwe ezincane zaba ngumbuso owodwa.

Imilando eyaqoqwayo lapho sekusetshenziswa usiba netholwa kuzona izibongo lezi ibeka ithi inzalabantu kwabe kunguMalandela owalandela izinkomo zamadoda wazikhipha ezibayeni. Yena wazala uQwabe noZulu. Kungakho-ke nje uke uhlangane nezithakazelo zikaQwabe sezibeka zithi 'Ngamazalankosi lawa'. UZulu nomnewabo uQwabe baxabana, wathutha uZulu wayozinza eMkhumbane phezu kweMfolozi. Yiso-ke isizinda esaziwayo ngisho nanamuhla sabohlanga lukaZulu.

UZulu wazala amawele uPhunga noMageba. Waqhubeka umlibo ngoMageba owazala uNdaba, owayaziwa njengenkosi eyayikwazi ukubiza izulu. UNdaba wazala uJama, uJama wazala uSenzangakhona. USenzangakhona wazala amadodana amathathu uShaka, noDingane kanye noMpande. Wonke lamakhosi abusa kodwa umlibo waqhutshwa nguMpande owazala uCetshwayo, uCetshwayo wazala uDinizulu. UDinizulu wazala uSolomoni, yena wazala uBhekuzulu. Kwathi uBhekuzulu yena wazala isilo samabandla onke uZwelithini. Cishe yikho lokhu kubusa kwamakhosi okwasigcinela umlando kaZulu kusuka ngeminyaka yawo-1600 kuze kufike ku-1884 lapho kwakhothama khona inkosi uCetshwayo.

Emuva kokwedlula kukaCetshwayo ehla amandla kaZulu, kwaqala ukubusa amandla abelungu, izinyoni zezulu ezabonwa nguShaka wazihambela. Wonke amakhosi alandela uCetshwayo ayesebekwa ngabelungu, futhi umlungu wasewatshela nokuthi abuse kanjani, esenqunyelwe nezindawo ayezibusa. Ukuqoqwa kwezibongo kwaqalwa ngenkosi uNdaba.

Lapha sizolinganisa nje ngokuthatha izingxenye zezibongo zamakhosi amabili, uShaka noCetshwayo. Sithi izingxenye ngoba izibongo zala makhosi zinde kakhulu kunalokhu esikufake lapha.

**Izibongo zenkosi uShaka**

UNodumehlezi kaMenzi!
Ilemb' eleqa amanye amalembe ngokukhalipha
USishaka kashayeki!
UShaka ngiyesaba ukuth' uShaka,
UShaka kwakuyinkosi yaseMashobeni.
Odabule kuNdima noMgovu,
Imikhubulo bayishiy' izinqindi,
Abafaz' abanendeni baphuluza;
Imbewu bayishiy' emanxiweni.
Odabule kuBhuzane phezulu,
Wakhethelwa udwendwe lwamaza,
Wadabula kuMcombo zigoduka.
Umlilo wothathe kaMjokwane;
Umlilo wothath' ubuhanguhangu;
Oshise izikhova eziseDlebe,
Kwaze kwasha neziseMabedlana.
Uteku lwababafazi bakwaNomgabhi,
Betekula behlez' emlovini,
Beth'uShaka kakubusa kakuba nkosi,
Kant' unyakan' uShaka ezakunethezeka.
Inkom' ekhal' eMthonjaneni,
Izizwe zonke ziyizwil' ukulila,
Izwiwe uDunjwa waseluYengeni,
Yezwiwa uMancengeza wakwaKhali.
Ondlela bazibuza kuDunjwa,
Athi bangayibuza kuMbozane,
Ondulel' ukuya kuNomagaga,
Lafik' iqhude lamvimbela.
Uzulu lizayo, khwezan' abantwana,
Ngabadala bodw' abazozibalekela,
UDunjwa yedwa limkhandanisile.
Oyewakha amaxhib' oThukela,
Lapha kucushw' isilo ngomwowane,
Weza noKhungwayo noGobizembe.
Ondande ngokhal' olude;


Wadabul' emathanjeni
AbantakaThayi beya kuMacingwane, eNgonyameni.
OZihlandlo kaGcwabe, ngibasolile, abasocoki;
Inkos' abayitshelanga izibuko,
Bayiweze ngelisacons' amathe,
Ebelisandukuwez' uNtuba wakaMajola.
    Inyath' ejame ngomkhonto phezu koMzimvubu,
AmaMpond' ayesaba nokuyehlela;
'Nani boGambushe, nani boFaku!
Nize ningayihlabi, niyothi ningayihlaba
Kobe senihlab' uPhunga nahlab' uMageba.'
    Obesixokolo singamatsh' aseNkandla,
Abephephel' izindlovu nxa liphendule.
    Izulu elidum' emuva komuzi eKuqobekeni,
Laduma lazithatha izihlangu zamamaPhela.
Wamudl' uNomhlanjana ezalwa uZwide!
Wamudl' uMphepha ezalwa uZwide!
Wamudl' uDayingubo ezalwa uZwide!
Wamudl' uNombengula ezalwa uZwide!
Wamudl' uMpondophumelela kwezinde eMapheleni;
Wamudl' uMntimona ezalwa uGaqa eMapheleni!
Wamudl' uMdandazi ezalwa uGaqa eMapheleni!
Wamudl' uNomakhwela kaGaqa;
Wamudl' uNoziga kaThatho!
Wamudla uNkayishana eCwecweni.
    Umxoshi womunt' amxoshele futhi,
Ngimthanda exosha uZwide,
Ezalwa nguLanga.
    Ulusiba gojela ngalaphaya kweNkandla,
Lugojela njalo, ludl' amadoda.
Ubeyoz' afike kuNomangci phezulu,
Eyakunqumel' umbango wakwaNyuswa,
Kwakungabangwa lutho nakwaNyuswa,
Kwakubangw' izinhlakuva emanxiweni,
Bethi: 'Ntekenteke zilinden' amajuba!'
UDlondlwane ludlondlobele

Luyadla lubek' isihlang' emadolweni,
Isidlukuladlwedlwe
Uhlany' olusemehlwen' amadoda:
Oth' esadl' ezinye wadl' ezinye,
Wath' esadl' ezinye wadl' ezinye!
Wena kaZulu, nawoJama kaMalandela!

**Izibongo zenkosi uCetshwayo**

Uzulu laduma obala!
Lapho kungemunga kungemtholo.
Unhlamvana bhul' umlilo;
Ubaswe uMatshonga benoGqelemana
Inzima lemnyama,
Ibiqhutshwa uMseleni benoNongalaza;
Beth' ifanele ukuyosikwa izihlangu eMkhweyantaba.
Bathi: 'Iyekeni ubunyama bayo buyesabeka;
Ifanel' ukuyocela imvula kwaNkosinkulu.
Thambekeka, wen' owaliwayo;
Thambekeka, wewus' iNtamanana nangezinyembezi,
Mhla eyakudabula ngakwaNgxangaza;
Abafazi bakwaNgxangaza
Bazolal' esibayeni njengamathole,
Kaz' amathol' azolalaphi?
Uye wadabula kuMlaba,
Obezalwa nguKhwani;
Wafika wamnik' inyanda yemikhonto;
Wathi: 'MntakaNdaba!
Oz' ubahlabe nasemehlweni.'
Inyathi kaNdaba!
Empondo zimakhenkenene;
Bayivimbele ngamaphand' emikhonto,
Beth' uMhlathuze kayikuwuwela;
Uth' esewuwela,
Wayesewuwela ngamakhand' amadoda.
Washikizel' uMashikizel' omnyama,
Edondolozela ngenhlendla yakhe, ebimatata,

Impi yakhe eyakuyibuthis' eDliwayini,
Wazihlaba kanye namathol' azo;
Kwathiwa: 'Ziyeke lezo, mntakaNdaba,
Ngezikanyokomkhulu, ngezikaLangazana.'
Washikizel' uMashikizel' omnyama,
Edondolozela ngenhlendla yakhe;
Eyoshona ngesikhala
SikaMpehlela noMaqhwakazi;
Eya ngoNotadu, obezalwa uMsweli,



INKOSI UCETSHWAYO

Uyawukhokh' umnyatheliso.
Iqabi lakwabo lezinkabi, elimpunga.
Uya ngoMphepha, obezalwa uDengezi,
Uyalikhokh' iqabi lakwabo,
Elimnyama, lezinkabi.
UyangoGwazi, obezalwa uSilwana,
Uyawukhokh' umnyatheliso,
Iqabi lakwabo elinkone, lezinkabi.
Washikizel' uMashikizel' omnyama,
Edondozela ngenhlendla yakhe;

Eyoshona ngesikhala samahlath' amabili,
IShowe kanye neDlinza;
Eya ngoSikhonyana, obezalwa uNgqungqulu.
Uyawukhokh' umnyatheliso,
Iqabi lakwabo, elixub' imibala.
   Ukhwani liyasikwa liyahluma;
Ngengxenye linguPhunga
Kwenye ingxenye linguMageba.
   Amakhubal' adliwa nguyena kwabakaMpande.
Wadl' uNtshonkweni obezalwa nguMpande,
Amakhubal' adliwa nguCetshwayo kwabakaMpande.
Wamudl' uMantantashiya obezalwa uMpande,
Amakhubal' adliwa uCetshwayo kwabakaMpande.
Wamudl' uSomxhawana obezalwa uMpande,
Amakhubal' adliwa uCetshwayo kwabakaMpande.
Wamudl' uMdumba obezalwa uMpande!
Amakhubal' adliwa uyena kwabakaMpande.
   Nonzila kudla kwamagwala,
Amagwal' adl, ububende.
ULanga-phum' endlebeni yendlovu,
Nyakambe liyophuma kweyengonyama.
Impunzi kaNdaba!

Izibongo zamakhosi sezicwaningwe kabanzi. Singakedluli kuzo singasale sesithinta eminye imibono asebaphawula ngayo abanye abacubunguli. Ingani uCope no-R.M. Kunene baze bangene ekuthini izibongo zinaziphi izimpawu ezihambisana nokuthi zaqanjwa nini. Bakhuluma ngezibongo ezingaphambi kokubusa kukaShaka, kulandele ezezikhathi zikaShaka kuze kufike kuCetshwayo, bese kugcina ezangemuva kwala makhosi.

Noma sizolandela lokhu kuhlela nathi sizozibekela eyethu imibono efikile lapho sizibukisisa izibongo lezi. Okunye kuthi akufane okunye kwehluke kancane kokushiwo ngabacwaningi abanye.

### (i) Izibongo ezendulela umbuso kaShaka

Uma sixoxa ngezibongo zalezi zikhathi sizoqondisa ezibongweni zamakhosi amathathu uNdaba, uJama noSenzangakhona. Kuthiwa lezi zibongo zazingenabo ubunkondlo kangako, ngoba zazibhalwa sengathi ziyingxoxo nje eyayigqanyiswa ukuphindaphindwa kwamagama athile, engenazifengqo ezitheni ezinembayo. Uma sibheka izibongo zikaJama sithola kutuswa, kuhaywa izinto ezifana nezenzo nesimo senkosi. Izimbongi lapha zazisebenzisa lezi zinto ukuze zakhele leyo nkosi isithunzi, ugazi nokuhlonipheka. Lolu hlobo oluqhakambisa lokhu silufanisa nohlobo lwezinkondlo olubizwa ngabezinye izinhlanga zamanye amazwe nge-**yuloji**. UJama wayethanda ukuzingela, lokhu kuhaywa njengokuhlabana okukhulu okwakuphakamisa ubuqotho bakhe, nokho okuchazwa ngezifengqo ezilulana kuthiwe:

Ozingel' amahlath' azavungama,
Az' athi: 'Nhiya nhi!'
Namuhla kakunyamazana
Az' amlobolele ngentshontsho lempunzikazi.
Obeyakulala wangangemifula,
Obeyakuvuka wangangezintaba,

UJama bamtusa ukwakheka kwakhe ngamazwi alulana. Ukuhlakanipha kwakhe kufaniswa nesilwanyana sezinganekwane. Kungaphawulwa nangezifengqo ezizwakala sengathi zitikitelwe nje, ngisho nokuphindaphindwa kwamagama akunikezi mqondo ogcwele. Asibheke lezi ziboniso ezilandelayo:

UJama kaNdaba,
UJama kaluthwana kangakanani
Nasenhlamvini yomkhont' angenela,
Nasegatsheni angaphathelela.
UMabopha wakithi kwaZwangendaba
<u>O</u>ngibophe zaluk' inhlazane nemfuduluko.
<u>O</u>babis' inhlaba elikuMahogo;
<u>O</u>thabis' idukumbane elikuNgcingci.

Owahlafun' umlom' ongadli lutho,
WangokaLuhlafu wawoNogeqwa.

Izimbongi zangemuva kokubusa kwala makhosi amabili angenhla zaqala ukubonisa inguquko encane lapho sezibonga uSenzangakhona. Lapha kancane kancane sekwethulwa imibono yesizwe. Nokho imbongi isakugqamisa ukuphawula kabanzi ngesimo nobunjalo benkosi, lapho ize yethule imizwa ebonisa inkosi engagqamile njengeqhawe. Lokhu kuphawula ngobunjalo benkosi sekugqamisa okuthile okufaniswa nohlobo lwesibili lwezinkondlo olubizwa ngokuthi i-**odi**. Lapha i-mbongi iqhakambisa, ituse izenzo zenkosi ezifana nobusoka nokunye kanye nobunjalo bayo okuqondise ekubukekeni nasekwakhekeni kwayo.

Inyath' ihamb' isengam' amazibuko;
Unjengomzingeli kwaMamfekana.
Ilang' eliphume linsizwa
Lithe liphezulu lansasa,
Lothiwa yimizimbazimba

Ubunjalo ngokubukeka nokwakheka kukaSenzangakhona okubekwe ngamazwi angadle ngazifengqo, kodwa kugqame ukuphindaphindwa kwamagama aletha isigqi sobumbongi kanje:

Obemzimba muhle, nangendlal' enkulu;
Obebuso, bungenandawo yokusolwa;
Obemehlo, angenandawo yokusolwa;
Obemlomo, ungenandawo yokusolwa;
Obezandla, zingenandawo yokusolwa;
Obezinyawo, zingenandawo yokusolwa;
Obezitho, zingenandawo yokusolwa;
Obesiphundu, singenandawo yokusolwa.

Kuyagqama kulezi zibongo ukuthi inkosi beyibongwa ngobuyona ingahlatshwa noma isolwe ngezenzo zayo. Izimpi nokubuswa kwezwe nabantu jikelele akungenwa kukho kangako. Sizobhekisisa-ke emakho-

sini elama lawa noma asengxenyeni yesibili ukuthi wona ayebongwa kanjani.

### (ii) Ezezikhathi zawoShaka, uDingane, uMpande noCetshwayo

Ingxoxo yethu yalezi zikhathi ihlanganisa amakhosi kusukela kuShaka kuze kuyofika enkosini uCetshwayo. Yaba nkulu inguquko eyabonakala ezibongweni zala makhosi. Lokhu kwabangwa izizathu ezimbalwa ezifana nokuguquka kombuso kaZulu, izimpi nezikhali ezazisetshenziswa. Izimbongi nazo zaqala zaqhamuka nokuhlela okuqhakambisa ubunkondlo nesakhiwo esehluke kakhulu kunesangaphambili, lokhu kwabelesela njalo kwaze kwayothanda ukushabalala emuva kokubusa kwenkosi uCetshwayo. Ukubukeka kwenkosi kwase kwethulwa kuxubane nezenzo ezinhle nezimbi zayo.

Izimbongi zalezi zikhathi zaqala ukwethula imizwa ebonisa ukuguquka kokubuswa kwabantu nokuhlabana kwenkosi uqobo. Akumangalisi lokhu ngoba uShaka phela nguyena owaqala ukubumba isizwe samaZulu saba yinto eyodwa ebuswa inkosi eyodwa. Uma kubongwa sesithola kuthintwa ukukhula kwenkosi, singathi nje isimo jikelele esigqugquzela, sivuse ugqozi namadlingozi obunkondlo ezimbongini. Bheka nje lapho ukusetshenziswa kwesingathekiso ukuthi kwehluke kanjani uma kuqhathaniswa izibongo zikaSenzangakhona nezikaShaka ngesilwane inyathi; uSenzangakhona wethulwa kungagqanyiswa buqhawe lapho bethi: **'Inyathi ehamba isingama amazibuko.'** Kanti kuShaka kungathekiswa ubuqhawe bakhe kuthiwe: **'Inyath' ejame ngomkhonto phezu koMzimvubu.'**

Izibongo zalezi zikhathi zisebenzisa izifengqo eziqatha, ezinembayo ngencazelo nangobunkondlo, bheka nje uma kuchazwa ukuhlakanipha nobukhali bukaShaka kuthiwa: **Yilembe eleq' amanye amalembe ngokukhalipha**. Uma siqhathanisa nokuhlakanipha kukaJama lapho ebizwa khona ngo**chakijana**, buhlala obala ubulula bazifengqo zezikhathi zawoJama lapho ubuqhathanisa nezawoShaka. Ulaka lwamakhosi alezi zikhathi luchazwa uze uzibonele lona ngamehlo engqondo, awuzwe nje lapho kuchazwa olukaShaka:

Umlilo wothathe kaMjokane;
Umlilo wothath' ubuhanguhangu;
Oshise izikhova eziseDlebe,
Kwaze kwasha neziseMabedlana.

Kanti futhi siyakuthola lokhu kujula kwezifengqo nasezibongweni zenkosi uDingane lapho kuchazwa ubunjalo bakhe, siqondise ekuqhubeni izinto zomshoshaphansi noMkabayi nabanye, obufaniswa nesiziba sona oze usibone ngokugwiliza komuntu ukuthi sidephile.

Isiziba esimavivane Dingane;
Isiziba esinzonzo sinzonzobele
Siminzise umunt' ethi uyageza,
Waze washona nangesicoco.

Zaqhubeka njalo izifengqo ezinembayo ezihambisa nesimo nesikhathi esibusa leyo nkosi. Ngezikhathi zawoMpande sebefike qathatha abandlebezikhanyilanga izimbongi zaqala zasebenzisa izifengqo eziqhakambisa ufuduko: **izinkonjane nezinkozi**. Inkani, ukubukeka nobunjalo benkosi eyabekwa isizwe okokugcina kwaZulu uCetshwayo, kuyagqama ezibongweni zayo lapho kuthiwa: **'Uzulu laduma obala'**. Siyazi ukuthi izulu liyabuyisa abantu babone ukuthi kukhulu kuyeza, kodwa uma kubhekiswa kuyena leli zulu lalingabikezeli, kwakuzwakala seliduma nje. Inkani kaCetshwayo yayingavinjwa njengoba lesi sigaba sibeka:

Inyathi kaNdaba
Empondo zimakhenkenene;
Bayivimbele ngamaphand' emikhonto,
Beth' uMhlathuze kayikuwuwela;
Uth' esewuwela,
Wayesewuwela ngamakhand' amadoda.

Kulezi zibongo zalezi zikhathi sihlangana nezimbongi seziphawula kabanzi ngomlando othinta okuningi okwenzeka ngezikhathi kubusa amakhosi abongwayo. Lokhu kuphawula ngomlando kwezibongo kufaniswa nohlobo lwezinkondlo okungumqukuthu odingidwa yizinkondlo zomlando ezibizwa ngokuthi yi-ephiki. Kuzona kucaciswa, kuchazwe

kabanzi ngokunqoba izimpi nokuhlabana kwenkosi noma ngabe kunechilo njengokwehluleka ekwenzeni okuthile okanye ukwehlulwa empini kuyavezwa. Sibuye sitshelwe ngesimo la makhosi ayebusa phakathi kwaso njengokuthi kukhona ababejivaza behleka uShaka usulu bethi ngeke abe lutho:

> Uteku lwabafazi bakwaNomgabhi,
> Betekula behlez' emlovini,
> Beth' uShaka kakubusa kakuba nkosi,
> Kant' unyakan' uShaka ezakunethezeka.

Kanti nalapho sekubongwa uMpande sithola sekuvela ukuthi wambuka wawelela phesheya kuThukela:

> Isikhukhulane sikaNdaba
> Esakhukhul' omame sabetshatha;
> Saye sabalahla ezinkwazini;
> Ezinkwazini zemifula
> Ezinkwazini zoThukela.

Uma sifundisisa lesi sigatshana esilandelayo sithola kuvezwa ukuhlabana ngesinyenyela kukaDingane lapho abelungu befuna ukumthathela izwe nezinkomo. Lapha uDingane ubizwa ngezibuko elimadwala abushelelezi kanje:

> Izibuko likaNdaba
> Elimadwal' abushelelezi;
> Lashelel' uPiti nendodana.
> Lamudl' uPiti kumaBhunu,
> Wamudla wamtshobotshela.
> Wena kaNdaba!

Obunye ubunkondlo obuhlala obala futhi obaze babanethonya elingephikiswe ezinkondlweni zanamuhla obesakhiwo sezibongo. Isakhiwo esibonisa ikhono lembongi lokukwazi ukwethula ukuhlabana kwenkosi ngokuphindaphinda izinhlamvu noma amagama kokunye imisho ethile ezibongweni ze kugqame isigqi. Lesi sakhiwo sasingatikitelwa nje

kodwa imbongi yayisilandela ngempumelelo nayo phela ingazenzi, isivukwe ugqozi. Lapho usuyobona nabantu abalalele sebekwelinye izinga nenkosi ebongwayo sebeyibona ngamanye amehlo bavukwe amadlingozi kube njeyaya. Awuzwe nje lapho kubongwa uShaka noCetshwayo kulezi zigaba ezilandelayo:

Izulu elidum' emva komuzi eKuqobekeni,
Laduma lazithatha izihlangu zamamaPhela.
Wamudl' uNomhlanjana ezalwa uZwide!
Wamudl' uMphepha ezalwa uZwide!
Wamudl' uDayingubo ezalwa uZwide!
Wamudl' uNombengula ezalwa uZwide!
Wamudl' uMpondophumelela kwezinde eMapheleni;
Wamudl' uMntimona ezalwa uGaqa eMapheleni!
Wamudl' uMdandazi ezalwa uGaqa eMapheleni!
Wamudl' uNomakhwela kaGaqa;
Wamudl' uNoziga kaThatho!
Wamudla uNkayishana eCwecweni.
Umxoshi womunt' amxoshele futhi,
Ngimthanda exosha uZwide,
Ezalwa nguLanga.

UCetshwayo:

Ukhwani liyasikwa liyahluma;
Ngengxenye linguPhunga
Kwenye ingxenye linguMageba.
Amakhubal' adliwa nguyena kwabakaMpande.
Wadl' uNtshonkweni obezalwa nguMpande,
Amakhubal'adliwa nguCetshwayo kwabakaMpande.
Wamudl' uMantantashiya obezalwa uMpande,
Amakhubal' adliwa uCetshwayo kwabakaMpande.
Wamudl' uSomxhawana obezalwa uMpande,
Amakhubal' adliwa uCetshwayo kwabakaMpande.
Wamudl' uMdumba obezalwa uMpande!
Amakhubal' adliwa uyena kwabakaMpande.

Nonzila kudla kwamagwala,
Amagwal' adl' ububende.

Kulezi zigaba sithola isakhiwo sokuphindaphinda amagama asekuqaleni, phakathi nasekugcineni, esikubiza ngokuthi ukuxhumana. Okunye njalo ikakhulu esigabeni sesibili lokhu kuxhumana okweqanayo. Kweminye imigqa kuxhumana igama elilodwa, kokunye amabili noma umugqa wonke uphindwe.

Uma sibhekisisa ezibonisweni ezingaphezulu sithola esinye isakhiwo esihlaba umxhwele ngokubumbana kwezindima. Leyo naleyo yethule umqondo okanye ibe ngumqukuthu ophelele. Lapha sithola khona umugqa wokuqala wethula ingqikithi yendima, umugqa wesibili, wesithathu, noma wesine le ngqikithi yelulwe, ikhuliswe, inwetshwe bese iphetha ngokusongwa emgqeni wokugcina. Leli khono lokuhlela noma lokulandela lesi sakhiwo ezindimeni zezibongo ngale ndlela, laqala ukucutshungulwa nguCope, naye ekususela ezibongweni ezaziqoqwe nguJames Stuart ngeminyaka yawo-1920. Nazi izibonelo zezindima ezihlelwe zagqamisa lesi sakhiwo zisuselwa emigqeni emithathu kuya kwemihlanu:

| | |
|---|---|
| Umashwabada kaMaqanda noNsele; | (ingqikithi) |
| Oshwabadel' izindlubu zakomfowabo; | (incazelo) |
| Washwabadel' izindlubu zikaMudli namakhasi. | (iya- khuliswa) |

| | |
|---|---|
| Umlilo wothathe kaMjokane; | (ingqikithi) |
| Umlilo wothath' ubuhanguhangu; | (iyelulwa) |
| Oshise izikhova eziseDlebe, | (incazelo) |
| Kwaze kwasha neziseMabedlana. | (iyaphethwa) |

| | |
|---|---|
| Uvemvane lukaPhunga noMageba, | (ingqikithi) |
| Uvemvan' olumabala azibhadu; | (iyelulwa) |
| Engibe ngiyaluthinta lwahwaqabala! | (incazelo) |
| LunjengoPhunga waseBulawini; | (isanwetshwa) |
| LunjengoVuma kubangoma. | (iyaphethwa) |

### (iii) Ezezikhathi zamakhosi oDinizulu, Solomoni, Bhekuzulu no-Zwelithini

Nakuzo lezi zibongo kuningi esikudingide ezingxenyeni ezingenhla esikuthola kuzo. Sibhekise ephuzwini lokutuswa, izimbongi, izifengqo kanye nesakhiwo. Isakhiwo esigqamisa ukuhlabana ezimpini siya ngokuya sivinjelwa yimithetho kahulumeni okunguyena osephethe. Ekucwaningeni kwethu sithole ukuthi inguquko isigqame kakhulu ezibongweni zamakhosi akamuva. Singathi lokhu kudalwa ukuthi ukubekwa nokubusa kwamakhosi ohlanga sekunesandla sabamhlophe phakathi. Cishe nokuqedwa kokuhlaselana nezimpi kwabamba iqhaza elinqala ekuthintekeni kwezinga lobumbongi.

Izibongo eziningi zalesi sikhathi sezibonisa imizwa yokulangazelela umbuso owawuqotho umuhle wayizolo nakuthangi lapho zibonga amakhosi oselwa. Ake sicaphune laphaya ezibongweni zikaDinizulu ukubonisa leli phuzu lokulangazelela: **Lalela lo munt' omemezayo, Ungath' uyalila. Inkosi yensizwa!** Kanti lokhu kulangaza kuyavela nalaphaya ezibongweni zikaZwelithini: **'Sengathi uyakhala, uyalila, Uthi: 'Igula likaJama lichithekile. Lichithwa ingqwel' endala**. Kanti futhi kuzo lezi zibongo sihlangana nabantu bezizwe, inkolelo yabo kanye nezikhali okanye izinto zokufika nabelungu. Nokho asikubeke ukuthi abelungu laba baqala ukuvela ezibongweni zikaDingane: **Lamudl'uPiti kumaBhunu,** kodwa lapha babengatuswa neze abelungu njengoba ubeka lo mugqa. Uma sifundisisa izibongo zikaBhekuzulu sithola le migqa emhlanganisa nezenkolo : **Wakhethelwa yizingane, saseKhatho-lika, eMalomeni.** Izibongo eziningi zalezi zikhathi ziqhakambisa ukuba khona nesandla esifakwa ngabamhlophe embusweni wakwaZulu. Lokhu kungase kube ukubekwa kwenkosi noma ukuqophisana kwenkosi nemibono yabelungu abathile. Kwabona laba abamhlophe bagcine sebebongwa yizo izimbongi lezi. Lokhu kuyagqama nje kulesi sigaba esicashunwe ezibongweni zeSilo uZwelithini:

UBhejan' odl' abakayise
Phum' esiqiwini kade bekuvalele.
Ungalw' ende kaGabela,
Ayingangeyawoyis' ingqunswana.

Ngisho bethi bayakwelula;
Kuphelel' enqulwini eyakhiwe yande,
Yashaya kuFosta ePitoli.
Kwaye kwazamazam'u-M.C. Bhota
Indlov' enebatha, umbhud' ubomv' ubheke.

Okunye esizokuthinta lapha yilokho okubonisa ukwehluka kancane lapha ezibongweni zezikhathi zokubusa okwandulela lokhu. Kulezi zikhathi ukubusa nokuphathwa kwabantu sekulawulwa ngondlebezikhanyilanga. Inkosi kulezi zikhathi ayisabekwa isizwe futhi namandla ayo asafocoka. Izimpi nokuviva kuhlaselwe amanye amakhosana nezizwe sekuthathwa njengecala elikhulu eligcina likubizele ezakwadalawane. Uma sibheka le migqa elandelayo siyasithola isandla sabamhlophe ekubekweni kwamakhosi athile. Lezi zigamu ezimbili ezilandelayo zibonisa ukubekwa kwenkosi uDinizulu noSolomoni:

USihhawuhhawu siyinkondlo,
Sivunyw' abamhlophe,
Wakwethwes' isigqoko,
Kwath' isigqoko sakufanela
UPhongol' olumanz' abomvu
Inkos' efungelwe abamhlophe
Kwath' iBhunu uPotolozi
Bath' ayisabekwa koSenzangakhona!

Kuzona futhi lezi zibongo sithola kusalokhu kuqhamukile ukuxhumanisa amakhosi oselwa nokhulukhulwana bawo. Kuvamisile ukuthi njalo nje kude kucashunwa ezibongweni zawoShaka namanye amakhosi amlandelayo kuqhakanjiswa iphuzu lobuhlobo kanye nokuthi lezi yizizukulwane zikaMalandela kanje:

Uqaqelwa izinyoni.
Umkhonto kaShaka noDingane.
Wena nkonyane kaPhunga noMageba.
Inkunz' ebomvu kaShaka,
Bebeth' iyahlaba
Kant' ithibela imihlambi yamadoda!

Ukuphetha le ngxoxo yethu yalezi zikhathi singathi jwaphu laphaya ephuzwini lekhono lokukhethwa kwezifengqo zamakhosi atuswayo. Ekuqaleni bekuthi lapho kuhaywa inkosi kuchume izifenqo zezilwane nezinto ezesabekayo njengezezikhathi zawoShaka ezifana nezindlovu, obhejane, izingwenya izimamba nezulu, muva nje sekuvame nezifenqo zezinto ezifana nezintulo, amankonyane, imikhonto, amatshe, ongcede, onogwaja, izincuncu ngisho izimvukuzane uqobo. Kanti nezingathekiso zamagama abamhlophe asethe chithi saka, yizwa nje lapho inkosi uBhekuzulu esefaniswa kuthiwa: 'Ubhushu ubhushe amadoda'. Yizwa ukuthi inkosi uSolomoni ingathekiswa ngokweyayo kuthiweni:

Ungcede onyonkel' isife, singawi.
Unogwaj' oshiy' izinja zasoNdini.'

Nakhu sikuthola nalaphaya ezibongweni zenkosi uBhekuzulu lapho imbongi ithathe ithi:

Itshe elehle phezulu kub'eNengweni
Isinambathi abasibonde basishiy' iphini,

Ngakolunye uhlangothi ingonyama uZwelithini nayo ingathekiswa ngesilwanyana esihamba ngaphansi komhlabathi nesiyimpumputhe uqobo, kuthiwe:

Imvukuzan' evukuz' ubusuku
Iye yabon' umame wasemaNdebeleni.

Kuningi umuntu obhekisisayo angakusho ngokuqokwa kwezifengqo. Kodwa-ke ngeke sigeqe magula.

## (g) Umaskandi

Kukhona uhlobo lwezibongo oluke lutholakale luthakwe nomculo, kokunye nanengxoxo imbala. Izibongo zomaskandi uhlobo lwezinkondlo eziyizibongo oluqhamuke kamuva nje. Singathi zithe ukuhluka kancane kwezasendulo nakhu phela zona zihambisana nomculo nezinsimbi. Lezi

zibongo zaqala lapho ikakhulu izinsizwa zidlala umculo ngezimfijoli, isigingci noma inkositini. Insizwa yayizwakala ihlabelela ishaya imfijoli yayo, iyasuka lapho isiyazibonga, ichazela abantu ukuthi ingubani, wakwabani, onjani, owenzeni. Kamuva, ngaphandle kokucula nokubonga sekuzwakala nokuxoxa, okungaba yindaba noma ukuphawula ngokuthile. Kamuva futhi sekuze kube samdlalo nje impela ngoba kuke kuzwakale nabantu abaphendulanayo. Kulolu hlobo-ke kungase kutholakale umuntu eshaya isigingci sakhe bese ezibonga, angaxoxi. Kokunye kungene konke, ukucula, ukuxoxa kanye nokuzibonga.

Umculo ohambisana nezinsimbi lona yinto entsha esingathi ixhumana nokufika kwabezizwe kuleli lakwaZulu. Kancane kancane lwaya ngokuya lwanda lolu hlobo, nabantu baluthanda kakhulu. Kumanje nje ezinye zazo sezihambisana namabhendi uqobo. Ukwanda kwalo kwagcina sekuze kwaqoshwa kwenziwa amarekhodi amaningi, amanye awo aze agcine edle ubhedu kwezomculo wesintu, esungulwa emincintiswaneni yasemadolobheni yabadlali bezimfijoli okanye izinsimbi.

Ake siphendule umbuzo othi, kungani lo mculo ohambisana nezibongo ubizwa ngegama elisuselwa kwelesiBhunu elithi 'musikant' na? Uma kubhekisiswa umculo womdabu wamaBhunu ungathola ukuthi ukudlalwa kwenkosintini kuyisisekelo esibalulekile kuwona. Lolu hlobo lwezibongo zomaskandi lubonisa ukulumbana kwamasiko obumbongi bamaZulu nomculo wesilungu, lokhu singakubuka futhi sikuthathe njengokuthuthuka kolimi namasiko okuhambisana nezikhathi nezimo eziguqukayo jikelele. Kanti okunye nje ukubonisa ukuthi sekukhona lapho izinhlanga zixubana khona kuleli lakithi, kanjalo namasiko asethanda ukweqelana. Kamuva nje sekunezinhlelo ezike zidlale lo mculo wezibongo zomaskandi laphaya komabonwakude nasemsakazweni wesiZulu. Lokhu kubonisa ukwamukelwa kwawo lo mculo njengengxenye yesiko elikhulayo esizweni.

Bese sishilo sathi lolu uhlobo olusha lwezibongo ezihambisana nomculo nezimfijoli. Kuningana-ke okuhlukile kulolu hlobo lobuciko ngaphandle kokucula nokusetshenziswa kwezimfijoli.

Singaqala ngokubhekisa emculweni wokweshelana. Lapha sihlangana nezibongo eziqhamuka lapho insizwa ishela intombi, okuhambisana nengxoxo nomculo othile ozibikayo. Lapha sithola kuxubene ingxoxo, umculo kanye nezibongo kanje:

**Inhliziyo yami ibuhlungu**
**(Mzikayifani Ntuli)**

ICULO:
Intombi: Inhliziyo yam' ibuhlungu!

BAYAPHENDULANA:
Insizwa: Dudlu, zal' abantu ziy' ebantwini,
Akukho ntombi yagan' inyamazane sikhona;
Awu ngasho ngaqhamuka mina mfo kaNtuli.
Intombi: Angizelanga wena la mina, ngizel' ukuzokh' amanzi.
Insizwa: Nkosazan' emhlophe efana nezihlabathi zolwandle...
yimina ngizele wena ngoba ngiyakuthanda.
Intombi: Ngoba uzwe kuthiwa ngithanda bonke laba bafokazana?
Insizwa: Angikhulumel' omuny' umuntu... futhi ngize nenkom' efile, nenkom' ephilayo.
Intombi: Uzwe ekhaya bethi bafuna inkom' efileyo na?
Awusuke lapha phambi kwami.
(Icula) Inhliziyo yam'ibuhlungu...

IZIBONGO:
Insizwa: Khuluma nazo hlale bemzond' abafazi namadoda,
Bethi uyofa nini mfokaNtuli.
Khona kwaZulu eNkandla laph' engizalwa khona,
Phansi koMndunduzel' intab' engiyakheleyo,
Umful' engiwuphuzayo ngiphuz' iMevane phakathi nayo.
Khona kwesikaMakat' uShifu engimakhele,

Khona kwesikaChomokuzithelay' isigod' engikusona
Awuzwe-k' ukuthi ithini?
Ingunguluzane kade kwasa beyigunguluza
Khuphuka Mageba,
Hhayi ungab' usakhuphuka kuyehlela.
Ithin' ingudlamahlathi?
Bhal' ufo lapho wena Richard.
Bathathe Sgidi.
Yiz' uvalo.
Awu, yehheni webantu.
Wobuza ma ungayitholi...

BAYAPHENDULANA:

Insizwa: Sengibuye ngabuya nkosazan' emhlophe efana nezihlabathi zolwandle. Ush' ukuthi into yami engangiyikhuluma kuwe namanje awukayizwa?
Intombi: Cha, amade anginawo.
Ngicel' ungilinde ngiyotshel' odadewethu.
(Icula) Uyithemba lami,
Uyithemba lami we-e-e.

IZIBONGO:

Insizwa: Awu, ngadla mina mfo kaNtuli ngingasaqali madoda.
Awu, ngayishaya mina mfo kaNtuli,
Awu, ngadla mina mfo kaBhasikidi...
Awu, ngangazi nginjena-ke,
Awu, ngayithatha madod' imbal' enhle,
Awu...
Awu, wazibamba uBonginkosi, madoda!
Wazibamba umfo kaSikhakhane omnyama ngenkani.
Sazibamba isihosha sikaMaZibani,
Sazibamba benyela abangizondayo,
Bahalalisa abangithandayo.

Ngazibamba mina ngunguluzane
Okukade kwasa beyingunguluza
Abezibaya ngezibaya.
Wazibamba ugogo lo oyisimomoloti,
Ngingazange ngimbone ugogo oyisimomoloti.
Ngazibamba mina bukhazikhazi,
Ubuhle bamabhodlela.
Ngazibamba mina sihlephuhlephu,
Ophuhle phansi njengekhowe.
Bayangazi abaningi,
Umfula engiwuphuzayo
Ngiphuz' aMevane,
Khona kwesikaKhanyile isifunda.
Induna engiphethe nguMthethwa.
Khon' eThalaneni, kwaZulu eNkandla.
Usesho phezulu ezitezi mfo kaSigidla,
Unkomo zakhe zisesiswini
Ezabanye zisezibayeni.
Ubaba-ke ongizalayo lowo.
Ngizibambe naye umfo kaMzimela,
Khona phesheya kweNdikwe,
Khona kwaZulu eNkandla.
Khuphuka Mnguni omuhle,
Ikhona laph'ingoma.
Hhawu! ngazibamba benyela ngempela
Ingunguluzane okukade beyigunguluza!

Lokhu esikucaphune ngenhla, sithola kuxoxwa indaba ngekhono lobunkondlo nomculo. Imbongi lapha izibike entombini, izibonge ngokusethulela ukuthi ingubani, wakwabani kuyiphi indawo, izibale zonke izinto ize igcine ngomfula ewuphuzayo. Izibongo zomaskandi zinobunkondlo nazo ngoba kuningi esihlangana nako ezibongweni esikutholayo nakuzona. Nakulezi zibongo siyazithola izimpawu zobunkondlo obufana nezifengqo. Nangu esezibiza nge**ngungulazane, unkomo zakhe zisesiswini**. Kanti nasesakhiweni sithola ukuphindaphinda okuletha umgqumo omnandi ikakhulukazi lapho sewuphelezelwa

yizinsimbi. Ukuphindwa kwamazwi lokhu kuqhakambisa izinto ezifana nemvumelwano nokuxhumana njengoba sibonisa ngezansi. Lapha sibuye sithole imbongi izibonga ngokuqonywa kwayo igqamisa ukuxhumana ngalezi ziqalo: Awu ngadla..., Awu ngayishaya..., kanjalo nalapho eseyizethula ithi:

Wazibamba umfo kaSikhakhane omnyama ngenkani.
Sazibamba isihosha sikaMazibani,
Sazibamba benyela abangizondayo,
Ngazibamba mina ngunguluzane

Lokhu kuxhumana esikubona kule migqa ecashuniwe kubonisa isakhiwo esihlangane naso laphaya ezibongweni zamakhosi, lapho kugqanyiswa ukuhlabana ezimpini sekuthiwa: Wadl'... Wamudl'... Khona futhi kulesi siboniso sihlangana nenkulumo-mpendulwano nomculo. Iphuzu elisha leli lokuxoxisana, ngoba lalingekho ezibongweni zakudala.

Uma sibheka futhi kwezinye izibongo ezikuwo lo mkhakha wokushela sibuye sithole ukuhlela okwehlukene kunalokhu okungaphezulu kanje. Insizwa iyacula ibuye izibonge:

**Khetha Ntombi**
**(Thikazisa Manqele)**

ICULO:
Wonke la masoka ayaziphekela
Ngayithatha bengafuni
Sebeyithwal' abakwaBiyela
Intomb' ikheth' omthandayo
Wena ntomb' ikheth' omthandayo
Wokheth' omthandayo

IZIBONGO:
Zibambe Thikazisa ntomb' iyesokeni
Nangumfo kaManqele la esekhona
Khuluma nazo...
Ubab' ongizalay' ukwaZulu kwaHlabisa
La ngiqhamuka khona.
Intab' engiyakhele ngakhel' iMpemba kaManyana.

Umful' engiwuphuzayo ngiphuz' iKhuz' eli-
mhlophe.
Ehhe, ngibacabanga ngay' inkonyane kaJakaja
ziyijubile
Umfo kaShandu khon' Melmoth
Phansi kweNundu la ngimthathe khona
Uthin' umnakwethu, uthini umfo kaSocijile?
Ha, eMelmoth kwelakithi la ebuya khona.
Awuzwe ukuthi ngibaqungqutha ngani;
Hhayi sengibaqungqutha ngozigi zeqhude ezehlu-
l' umthakathi,
Sengiphumel' obala wethu kwabha,
Kwangced' omhlophe

ICULO: Wonke la masoka...

Uma ubheka ngokunganakisisi ungathatha uthi labo maskandi bayafana kanti phinde. Ngakho-ke kuhle sibabhekisise kahle lapho sesicwaninga ukuze sithole umehluko. Empeleni lesi sakhiwo nokuhlela kuvamisile komaskandi abathinta ezokushela nokuqomana.

Singabuye singene emkhakheni lapho sithola kwethulwa khona ukukhononda okuthile. Lapha sihlangana nezibongo nomculo lapho imbongi icula khona ibe iqonde ukuhlaba isimo esithile esigodini sakubo noma ezweni jikelele. Ungathola ukuthi lapha iqala ngokundlalela ngokuzisho ukuthi iqhamukaphi, ingubani, izalwa ngubani yena lowo ezalwa ngubani. Yikhona lapho sithola khona izithakazelo esixoxe ngazo ngaphambili. Selihlala obala manje ithonya lezithakazelo nezihasho. Kuyothi lapho iqeda khona ukuzibonga bese icula, iculo lakhona lethula imizwa yayo ngalesi simo esingamukeleki. Kanti abanye omaskandi bandlalela ngengxoxo eyethula imizwa, bese kulandela umculo ngaleso simo. Konke njalo lokhu akwehlukene kangako nokuhlatshwa nokutuswa okutholakala ezibongweni. Kule siboniso esilandelayo sihlangana nokukhala kukaMgqashiyo Ndlovu engomeni yakhe ehlaba isenzo zezinduna, yona ebizwa ngokuthi:

**We nduna**
**(Mgqashiyo Ndlovu)**

INGXOXO YEZINSIZWA EZIMBILI:

| | |
|---|---|
| Eyokuqala: | Hhawu, mfo kaNdlovu ngizw' isimanga,<br>Ukuth' izinsizwa zilwa l' emakhaya,<br>Zibulalana zodwa.<br>Kodwa inking' engiyitholayo,<br>Ngithol' ukuthi kunenduna phakathi.<br>Ngabe kuyiqiniso elinjani lelo ngempela? |
| Eyesibili: | Awu, mfo kaNxumalo nami ngiyakhala.<br>Ngikhala ngaz' izinduna lezi, ngoba<br>Nami le nto mangiyizwa ngizwa<br>Kuthiwa induna ikhona phakathi<br>Kule nking' eyenzekayo ngakho<br>Nami ngikhala ngaz' izinduna.<br>Izinduna lezi yizon' eziqhatha abantu,<br>Ngoba kuthi kwenzeka konke lokhu<br>Isuke isikwaz' induna.<br>Ngikhala ngazo izinduna lezi bakithi.<br>Baphelile abantu bakithi! |

UMCULO WESIGINGCI

| | |
|---|---|
| Igosa: | Wena Nduna wen' uqhatha bantu!<br>Amaganyana aziswana,<br>Engani wabaleka, engani wabaleka!<br>Kunzima kuliwa.<br>Awu wena nduna wen' uqhatha bantu! |
| Abaculi: | Ukukhuluma amaganyan' aziswana<br>Engani wabaleka, engani wabaleka!<br>Kunzima kuliwa.<br>Awu wena nduna wen' uqhatha bantu! |

ISIGINGCI NENKOSITINI NEKHWELO

| | |
|---|---|
| IZIBONGO: | Awu, zisho njalo ma seziphuma zizinikela<br>Ezakithi madoda! Mhi! E!<br>KwaSibhulu kwaNongoma la ngiqhamuka khona, |

Phans' emgodini kwaNongoma la ngizalwa khona.
Umful' engiwuphuzayo ...
Nguy' uMgqashiyo umfokaNdlovu lona nje!
Ufun' ukuthini?
Ngizokubek' usimende emahlombe ungesabi.
Zithinte makhulu wento,
Uthinte ubhasikidi womfo kaZulu mani!

Kamuva nje sekuphuma izingoma zomaskandi ezicula zibeke imizwa ebuhlungu ngesimo esingagculisi sabaphathi. Lokhu siyakuthola lapho sifunda izibongo zamakhosi kodwa khona imizwa yesizwe yayingethulwa noma ubani nje, kwakuba yimbongi kuphela. Ukuguquka kwezikhathi nesimo ezweni sesinikeza noma ubani ilungelo lokubeka imibono ngokungamgculisi emphakathini. Izikhalo zihlala obala eculweni, nakhona kukhona ukuzethula komculi lowo njengoba sikuthola nje lokhu kuleli rekhodi likaPhuzikhemisi noKhethani elithi:

**Imbizo**

ISIGINGCI

| | |
|---|---|
| Igosa: | Lo mhlaba uyathengwa, ngabon' isu elikhona. |
| Abaculi: | Lo mhlaba uyathengwa, sabon' isu elikhona. |
| | Njalo ngonyaka sikhokh' imali yamasim' enduneni; |
| | Njalo ngonyaka sikhokh' imali yamasim' enduneni. |
| Abaculi: | Lo mhlaba uyathengwa, ngabon' isu elikhona! |
| Igosa: | Awu, njalo njena khon' imbizo; |
| | Awu, njalo njena khon' imbizo. |
| | Sebesibiz' emakhosini! |
| | Sebesibiza phezulu! |
| | Sebesifun' esikoleni! |
| | Bath' ikhon' imbizo. |

KUKHALA ISIGINGCI NEZINYE IZINSIMBI

| | |
|---|---|
| Abaculi: | Ungaboni siphila kulo mhlaba siyawukhokhela. |
| Igosa: | Awu, njalo njena khon' imbizo; |
| Abaculi: | Ungaboni siphila kulo mhlaba siyawukhokhela. |
| Igosa: | Awu njalo-njena khon' imbizo; |

| | |
|---|---|
| Abaculi: | Ungaboni siphila kulo mhlaba siyawukhokhela. |
| Igosa: | Sebesibiz' emakhosini! |
| Abaculi: | Ungaboni siphila kulo mhlaba siyawukhokhela. |
| Igosa: | Sebesibiza phezulu! |
| Abaculi: | Ungaboni siphila kulo mhlaba siyawukhokhela. |
| Igosa: | Sebesibiz' emakhosini! |
| Abaculi: | Ungaboni siphila kulo mhlaba siyawukhokhela. |
| Igosa: | Bathi kukhon' imbizo. |
| Abaculi: | Ungaboni siphila kulo mhlaba siyawukhokhela. |

UMCULO WESIGINGCI

| | |
|---|---|
| IZIBONGO: | Awu, bazihlaba ngempela<br>Bon' oPhuzekhemisi noKhethani, madoda!<br>Mfo kaMajazane omnyama,<br>Khon' eMkhomazi phansi lapho sibuya khona,<br>Khona phansi kwaDumisa.<br>Umful' esiwuphuzayo siphuz' uMakhwelakade.<br>Hhayi, ngabatshela mfo kababa Khethani ngathi:<br>Niboyithinti imamb' isemgodini,<br>Ngathi: Hhayi bafana iyonilimaza meke yaphuma.<br>Ubobhasobha nsizwa ungami ngezansi,<br>Isigxabhane lesi esizayo siwis' amatshe, wu! |

UMCULO WESIGINGCI

| | |
|---|---|
| Igosa: | Awu, njalo njena kukhon' imbizo,<br>Awu, njalo njena khon' imbizo.<br>Sebesibiz' amakhosini,<br>Sebesibiza phezulu.<br>Nithi siyithathaphi imali?<br>Nithi siyithathaphi imali?<br>Kukhon' imbizo. |
| Abaculi: | Ungaboni siphila kulo mhlaba siyawukhokhela. |
| Igosa: | Awu, njalo njena khona' imbizo. |
| Abaculi: | Ungaboni siphila kulo mhlaba siyawukhokhela. |
| Igosa: | Awu, njalo njena khon' imbizo. |
| Abaculi: | Ungaboni siphila kulo mhlaba siyawukhokhela. |
| Igosa: | Sebesibiz' emakhosini! |

| | |
|---|---|
| Abaculi: | Ungaboni siphila kulo mhlaba siyawukhokhela. |
| Igosa: | Sebesiza phezulu! |
| Abaculi: | Ungaboni siphila kulo mhlaba siyawukhokhela. |
| Igosa: | Sebesibiz' ezinduneni! |
| Abaculi: | Ungaboni siphila kulo mhlaba siyawukhokhela. |
| Igosa: | Sebesifuna kaMtholi! |
| Abaculi: | Ungaboni siphila kulo mhlaba siyawukhokhela. |
| Igosa: | Nithi siyithathaphi imali?<br>Nithi siyithathaphi imali?<br>Kukhon' imbizo. |



UJOHNSTON ZIBOKWAKHE MNYANDU (UPHUZEKHEMISI)

Kwesinye isikhathi sithola umculi osambongi ebeka imizwa yakhe ehlaba indlela abathile beziphethe ngayo, yena ayibona ingemukeleki neze emphakathini. Nansi njena le nsizwa ikhala ngokuziphatha komunye:

**UMhlongo**
**(David Ngcobo)**

UMCULO WESIGINGCI

Igosa: We, nangu noMhlongo ezenz' inkosi

| | |
|---|---|
| Abaculi: | Ukhwela phezu kwendlu |
| Igosa: | We Njomane... |
| | We, nangu noMhlongo uzenz' ushifu... |
| IZIBONGO: | Awu, khuluma nazo ngempela phela mfo ka... |
| | Zulu *mottos,* |
| | Jika bajikile |
| | Piki nefosholo |
| | Zibambe *black cat* madoda |
| | Ikat' elingenamsila |
| | Ngob' ukuba linomsila ngabe balixosh' ekhaya madoda |
| | Kodwa njengoba alinawo nje umsila, |
| | Ngeke balixoshe. |

Kamuva nje ithonya lezibongo selitholakala komaskandi abaphelezelwa yizigubhu lapho becula amaculo ethula izimo zanamhlanje. Lapha umculi akasazibongi kangako wethula isimo nje. Uqala acule: umculo namazwi okulandelayo kuhlanganisa izilimi, kube nesibhinqo nembuqo kube njeya.

Eziningi izibongo zomaskandi zinabo ubunkondlo obuzixhumanisa nezibongo, izithakazelo, izihasho nokunye. Masilituse ithonya lobuciko bomlomo elisalokhu libonakala njalo ekuthuthukeni kolimi lwakwaZulu. Ukuthuthuka kolimi njengazo zonke izinto kuhambisana nezikhathi eziguqukayo. Kumanje nje sithola namasiko nemiculo yezinye izizwe seyibamba iqhaza okanye ibonakala ezinguqukweni zolimi lwesiZulu.

## Izimbongi nosiba

Besilokhu sibhekisa kwesikuthola kulesi sahluko njengobuciko bomlomo. Asikusho nokho ukuthi kukhona lapho kuhamba kuhambe sithole ubuciko bomlomo sebuhambisana nesimanje noma usiba. Kuyenzeka sithole umuntu okungathi noma zikhona izibongo zakhe 'zomdabu', kokunye eziqanjwe yimbongi engasebenzisi lusiba, abuye abe nezinye aziqanjwa yizimbongi eziqala ngokubhala phansi. Omunye onalezi

zinhlobo zezibongo nguMntwana wakwaPhindangene, iNkosi uMangosuthu Buthelezi. Bheka nje ngoba encwadini kaLiz Gunner noMafika Gwala (1991:88-96) size zithole beba babili ababonga uShenge ngezibongo ezahlukene. Omunye nguHezekiah Buthelezi, kanti omunye nguPhumasilwe Myeni. Izibongo zikaShenge eziqanjwe nguMyeni zezwakala zihaywa nguye uMyeni ngo-1976 mhla kuhalaliselwa le nkosi ngokuhlonishwa ngeziqu zobudokotela yiYunivesithi yakwaZulu. Kanti ziyatholakala futhi ezinesihloko esithi 'UMangosuthu' eqoqweni lakhe uMyeni lezinkondlo zezimanje elithi *Hayani MaZulu* (1969). Izibongo ezaqoshwa uMyeni ezihaya ngo-1976 azifani nezibhalwe phansi ezashicilelwa ngo-1969. Singakuphawula nokuthi sezizininingi ngempela izimbongi ezisebenzisa usiba esezaqamba izibongo ngoMntwana wakwa Phindangene. Akuyona into entsha ukuba umuntu oyedwa abongwe ngabantu abaningi. Ingani ngaphandle kukaMahlangeni wakwaKhumalo owayeyimbongi kaCetshwayo, le nkosi yayinenye imbongi, uManxele wakwaButhelezi (Rycroft 1974: 61).

Nokho asikubeke ukuthi ithonya lezibongo lisalokhu libelesele emibhalweni yethu ngoba liyabonakala ngisho nasezibongweni ezintsha zakamuva nje esisazozidingida kwesinye sezehluko.

Masisonge le ngxoxo ngezibongo ngokuphawula ngethonya lezibongo eselokhu libelesele njalo ezimpilweni nasemibhalweni yethu. Bese sithintile ukuthi izibongo lezi zithathwa njengomlomo oyiqiniso womlando wakwaZulu, nakhu ziphawula ngobunjalo benkosi, izimpi ezihlanganisa ukuhlabana ngisho nokuhlulwa kwaleyo nkosi, ukuthintwa nokubusa kokunye nabathile ababephila nayo. Kanti nasemibhalweni ngisho emiculweni imbala liyabonakala leli thonya. Sesiphawulile ngezibongo zikamaskandi ezixutshaniswe nezimfijoli nemiculo yasesilungwini.

Siyalithola futhi ithonya lezibongo emibhalweni ethinta ezemilando, efana namanoveli, amadrama ngisho nezinkondlo imbala. Lapha sithola kucashunwa izibongo zenkosi okuxoxwa ngayo ukufakazelisa ubunjalo bomlando lowo, kokunye ukuxhumanisa okususelwa emqondweni wombhali nomlando.

Uma sifunda izinkondlo zanamuhla sithola kunokucashunwa kwemigqa ethile yezibongo kuzona. Yikho lokhu okwaze kwabonwa ngu-R. Kunene, kwase kuthi ngonyaka ka-1961, wacubungula izibongo kanye nethonya lazo ezinkondlweni zanamuhla. Kulokhu kucubungula kwakhe wathola kukhona ubudlelwane obukhulu ezintweni ezifana nesakhiwo, ukuhlelwa kwamagama nokusetshenziswa kwezifengqo. Omunye umcwaningo ogxila kuleli thonya oka-B.D. Ntuli othi *Imitation in Zulu Poetry* (1974).

Asikugcilele lapha ukuthi ukutholakala kwethonya lezibongo ezinkondlweni zombhali akulona ichilo. Okuye kubaluleke ukuthi umbhali yini okungokwakhe nje akwenzile ngalokho akuthathe ezibongweni.

## Elokusonga

Uma siphetha le ngxenye ephathelene nobuciko bomlomo jikelele sizophinda futhi sigcizelele ukubaluleka kwabo emibhalweni jikelele. Ngaphandle kwalesi sendlalelo okanye umthombo, kuncane kakhulu esingabe siyakwazi ngobuthina, ikakhulu izimpande zokusungulwa kwesiZulu ngoba ngezikhathi zasemandulo izinto zazingabhalwa phansi. Lokhu kuhlatshwa noma ukutuswa kwezenzo zomuntu okanye isimo esithile yinto endala eyayenziwa nasemandulo. Intombi eyayinesici noma yenza into engavunyelwe emphakathini kwakuculwa ngayo, kwenziwe ihlaya kube njeya.

Siyalitusa ikhono nobugagu balobu buciko obaqala buqukethwe futhi bugcinwa emilonyeni kwathuthuka njalo kwaze kwatshuza ngomlomo wosiba, kunamhlanje sekwethulwa ngamarekhodi omculo kanye nezithwebuli zamavidiyo nomabonakude. Sethemba ukuthi ngeminyaka ezayo kuyobe sekukhule kwadlondlobala kube sekulandela izindlela ezintsha eziyobe sezisetshenziswa lapho kucutshungulwa ngalezo zikhathi.

Masiliphinde futhi iphuzu lokuba semqoka nokubaluleka kobuciko bomlomo kamuva, ikakhulukazi kwezemfundo. Kamuva uMnyango

Wezemfundo wabuyisa ukufundwa kwezobuciko bomlomo ezikoleni. Kumanje nje sebufundwa kuze kuyofika nasemayunivesi. Lokhu kubunika isikhundla esifanele nesithunzi lobu buciko. Kufanele lokhu ngoba emininingi imibhalo yesimanje yeyeme kubo.